# *UKudla kokoMoya NgesiKhathi Esifanele*

Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kungenzeka, kuphela.

Kanjani, manje kukanje:

Manje ngiyakholwa, manje ngiyakholwa,
Konke kungenzeka, manje ngiyakholwa;
Manje ngiyakholwa, manje ngiyakholwa,
Konke kungenzeka, manje ngiyakholwa.

Asibe silokhu simile manje, namakhanda ethu ekhotheme.

Nkosi, sengathi lokhu kungebe yiculo kuphela, kodwa kube yizo impela izinjulo zenhliziyo yethu icula kuzwakale, "Manje ngiyakholwa!" Abafundi bake basho ngesinye isikhathi, emva kokuba uJesu esenze imisebenzi eminingi kakhulu enamandla, bathi, "Nkosi, manje siyakholwa."

UJesu wathi, "Seniyakholwa manje na?"

2 Bathi, "Siyakholwa ukuthi Wazi konke awudingi ukuba umuntu aKufundise." Ngakho, Baba, kulobubusuku siyaqonda ukuthi Awukudingi ukufundisa kwethu, kodwa sidinga okwaKho. Ngakho siyakhuleka ukuthi Uzosifundisa ukuthi sikhuleke kanjani, siphile kanjani, nokuthi sikholwe kanjani. Siphe khona, Nkosi, kuyoyonke lenkonzo kulobubusuku. Uma kukhona esishoda kukho, siphe khona, Nkosi. Sikucela eGameni likaJesu. Ameni.

3 Ngiyazi abaningi benu bamile futhi kulobubusuku. Futhi, ngaphandle, ngihlangane namaqembu athe awakwazanga ukungena, futhi balalele emsakazweni wabo ezimotweni ezehlukeneyo. Futhi manje sizozama ukwenza nje sisheshise ngakho konke esingakwenza kulobubusuku, ngeSonto ebusuku, sizolinikela libe elokukhulekela abagulayo, sibe nomugqa wokukhulekelwa esingawuthola owodwa phezulu lapha. Kodwa sinikela lenkonzo kulobubusuku ukuba kukhulekelwe abagulayo.

4 Futhi ngifuna nakheke nikhule manje e. . .leli Amazwi aNgcwele kaNkulunkulu, ekuKholweni, ukuKholwa kwalelihora. UkuKholwa! Kuzothatha ukukholwa okuningi kunokuba kwake kwabakhona kunoma yimuphi unyaka, ngokuba lolu kuzofanele kube lukholo lokuhlwithwa, sisiwe phezulu. Futhi ngakho sinifuna nikholwe kulobubusuku kukho konke enikubonile, nakuzwa, iZwi enilizwile lishunyayelwa, i—izibonakaliso nezimangaliso enizibonile zenziwa. Sinifuna

nibuthelele konke lokho ndawonye enhliziyweni yenu, futhi nikunake, ukuthi ngabe lokho kunguNkulunkulu yini noma qha.

5 KunjengoElisha wasendulo, wathi, "Uma uNkulunkulu enguNkulunkulu, khonzani Yena-ke." Futhi uma uJesu engumongo wezinto zonke kumKristu, ngakho-ke ngicabanga ukuthi sifanele ukulahlekelwa yikho konke okunye bese sinamathela kuYe. Khumbulani, UnguMongo, UyiNkanyezi yeNyakatho, UyisiGcino, UluQobo. Futhi uma EyiNkanyezi yeNyakatho . . . Yinye kuphela into eyokhomba enkanyezini yenyakatho, leyo yinkombandlela yakho ohamba ngayo phezu kwamanzi. Futhi iNkombandlela enginizama ukuba nihambe ngayo phezu kwamanzi yiZwi, futhi iZwi likhomba njalo kuYe.

6 Futhi sizwa sengathi sizokwedlula esikhathini esikhulu sosizi nezivivinyo, ukuxakeka kwesikhathi nosizi phakathi kwezizwe, nazozonke izinhlobo zezinto ezenzekayo, futhi ngezinye izikhathi ngiphelelwa amandla njenge . . . Ndawo zonke engibuka kuzo, kunjengase—emkhunjini phandle olwandle. Futhi nginikwe ukuphatha isiKebhe. Futhi sizokwenza kanjani na? Futhi nakhu kufika oyedwa nekepisi elimhlophe, umkhulu ngokuphindwe ngokuyikhulu kunomkhumbi wami. Kodwa sizobedlula, bonke. "Singaphezu kwabanqobi ngaYe." UKaputeni, uKaputeni oyiNduna enkulu, ubambe intambo ekugcineni komkhumbi, Uzoyidonsa yedlule. Sizoyedlula yonke.

7 Manje, kulobubusuku, ukuze sisheshise futhi sinidedele niphume kusenesikhathi. Siyakuthakasela ukushayela kwenu okude, nokunjalo, nokuthi kudingeke nishayele kanjani, nokuzinikela enizofanele nikwenze. Futhi, niyabo, lokho kungenza ukuba ngibe lapho engingathanda khona nje ukuma futhi nje ngiqhubeke nokuxoxa nokwenza konke engingakwenza ukunisiza. Kodwa uma ngilapha ngizama ukugxisha konke engingaphumelela ukukwenza, ukunikeza usizo okwalesosikhashana ukuthi manje silapha. Bese uthatha . . . Uma unikeza abantu okuningi ngasikhathi sinye bangeke bakukhumbula. U—ufanele nje uthathe into eyodwa bese uyibamba kahle uyise kumuntu baze bakubone lokho. Bese kuthi-ke uma sebethola lokho kuqina enhliziyweni yabo, khona-ke bazo . . . bese-ke ubafundisa okunye okuthize. Nje ngesinyathelo ngesinyathelo lapho sihamba.

8 Manje, khulekani futhi nibe nesibindi, futhi nikholwe manje kulobubusuku ngokuba niphulukiswe. Angicabangi ukuthi ukhona umbuzo okhona engqondweni yenu ngesikhathi esiphila kusona. Angikholwa ukuthi kukhona umbuzo engqondweni yenu ngokuthi ngabe uNkulunkulu uphakathi kwabantu baKhe noma qha. Ngikholwa ukuthi nonke niyakukholwa lokho. Futhi ngi . . . Akukho-kungabaza engqondweni yami ngakho. Futhi ngi—ngi—ngiyabazi abantu bami, abangane bami, abangane

bakaKristu, abantwana baka—bakaKristu, bayakukholwa lokho.

9 Futhi kunginikeza intokozo enkulu ukubona uma sewazi ukuthi unoMlayezo ovela kuNkulunkulu, futhi uwunikeze abantu futhi ubabone abantu bephendula kuLokho. Khona-ke ubuka emuva bese uthi, "NgiyaKubonga, Baba." O, kuba yintokozo enkulu-ke lapho ukubona abantwana bedla isiNkwa esithunyelwe kubo! Niyaqonda yini lowo kwakungumbono eminyakeni eyedlula, khona impela kuleliTabernakele na? Kunjalo, "IsiNkwa sokuPhila." Mfowethu Neville, uyawukhumbula, onamandla. Isikhathi esinamandla!

10 Manje asiphenye, uma nifuna ukulandela ukufundwa kumbe nikumake phansi, nje. . . Angikholwa ukuthi bekungafaneleka ukuba nenkonzo ngaphandle kokufunda iZwi likaNkulunkulu nokwedlulisa ukubeka amazwana ambalwa, uma kuzoba yinkonzo yokuphulukisa kumbe noma yiluphi uhlobo. Sonke siyaqonda. Akukho-zihambi phakathi kwethu, ngiyethemba. Kodwa sonke siyaqonda ukuthi ukuphulukisa kuyini. Akusiyona into oyenzelwa ngumuntu; kuyilokho uNkulunkulu asevele ukwenzele khona. Insindiso isemgqeni ofanayo. Into kuphela, eyiyo, ukuthola abantu ukuba bakholwe ukuthi lelo yiQiniso. Futhi uNkulunkulu uyakufundisa eZwini laKhe bese eyakufakazisa kulabo abazoLikholwa, ngokuba Wathi, "Konke kungenzeka kwababakholwayo."

11 Uthi, "Akukho okungenzeke kuNkulunkulu." Uyakukholwa lokho na? Akukho okungenzeke kuwe, futhi. "Ngokuba konke kungenzeka kubo," (uNkulunkulu unguMuntu oyedwa) "kwababakholwayo." Niyabo? Ngakho akukho okungenzeke kuwe, okuqondene nawe, uma ungakholwa kuphela.

12 Manje emaKhosini okuQala, isahluko 17, ngifuna ukufunda amavesi okuqala ayisikhombisa, iNkosi ithanda.

> *UElija waseThishibi, owayengowabagogobeleyo kwaGileyadi, wathi kuAhabi, Kuphila kweNKOSI uNkulunkulu ka Israyeli, engimi phambi kwakhe, akuyikubakho-mazolo namvula kuleminyaka, kuphela ngesiyalezo sezwi lami.*
>
> *IZwi leNKOSI lafika kuye, lathi,*
>
> *Suka lapha, uye ngasempumalanga, uye ngasempumalanga, ucashe ngasemfudlaneni iKeriti, ongaphambi kweJordani.*
>
> *Kuyakuthi, uphuze emfudlaneni; ngiyalile amagwababa ukuba akondle khona.*

Qaphelani, "akondle khona," hhayi kwenye indawo. "Khona!"

*Wahamba wenza njeng*okweNKOSI, noma *ngezwi leNKOSI: ngokuba wahamba wahlala ngasemfudlaneni iKeriti, ongaphambi kweJordani.*

*Amagwababa amlethela isinkwa nenyama ekuseni, nesinkwa nenyama kusihlwa; waphuza emfudlaneni.*

*Kwathi ekupheleni kwezinsuku, umfudlana washa, ngokuba yayingekho imvula ezweni.*

13 INkosi yenezele izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo. Futhi manje, kulobubusuku, ngifuna ukuthatha itekisi esukela lapho, ebizwa ngokuthi, "uKudla kokomoya esikhathini saKho." Kulokhukusa besinesi—sifundo ngokuthi—ngokuthi "Ukwenzela uNkulunkulu inkonzo, noma ukuzama ukuMenzela inkonzo ngaphandle . . . -phandle kwesikhathi, inkathi, indawo, noma umuntu." Futhi manje lokhu ngu: *UKudla kokoMoya NgesiKhathi Esifanele.*

14 Lomprofethi, uElija, sazi okuncane kabi ngaye. Kodwa siyazi ukuthi wayeyinceku kaNkulunkulu, nenceku kaNkulunkulu yalelohora.

15 Futhi uNkulunkulu usebenzise uMoya waKhe owawuphezu kukaElija, sekuvele kukathathu, futhi uthembisa ukuba kuphinde kube kabili; kahlanu, okomusa. WaWusebenzisa phezu kukaElija; Wafika phezu kukaElisha uphindwe kabili; wawukuJohane umBhaphathizi; futhi ufanele ukufika nje ukungenisa kuMlobokazi wabeZizwe; futhi ufike noMose ukusa amaJuda ekhaya. Kunjalo. Kahlanu uNkulunkulu ethembisa ukusebenzisa uMoya kaElija, futhi usevele ukwenzile kathathu.

16 Manje, lomprofethi omkhulu, asazi ukuthi uvelaphi. Siyazi ukuthi wayengowaseThishibi. Kodwa ukuthi ufika kanjani . . .

17 Sazi okuncane ngabaprofethi. Asazi ukuthi bavelaphi. Kuyivelakancane . . . Njengoba, ngingazi noyedwa wabo ophuma esontweni kumbe enanoma yiluphi ulibo lokuzalana emva kwabo. Kwakuba ngumuntu nje ojwayelekile owayengesabi, futhi, izikhathi eziningi, bengafundile. Futhi abazange babhale, bona ngokwabo. UIsaya noJeremiya, bobabili, kukhona abakubhalayo, kodwa lomuntu omkhulu uElija akazange abhale nokukodwa. Abaningi babo abazange babhale; mhlawumbe babengakwazi ukubhala. Kodwa babengamadoda ayemahlikihliki. Akukho-ndoda eBhayibhelini enjengalabo baprofethi basendulo. Bayishaya indiva imibuso, amakhosi, abantu, amabandla, nakho konke okunye, futhi bama bagxila eZwini likaNkulunkulu, noNkulunkulu wabafakazela ukuthi babeqinisile. Ngamunye ngamunye babemahlikihliki ngempela.

18 Nalo Elija wayengomunye wabamahlikihliki kunabo bonke. Wayeyindoda yasehlane. Waphuma ehlane; wayehlala ehlane. IBhayibheli lathi wayegqoka . . . wayenoboya, futhi wayenesikhumba semvu azisonge ngaso, nesiqephu sesikhumba, sesikhumba sekameli ezibophe ezinkalweni zakhe, impela . . .

enobuhwaqa bulenga ebusweni bakhe, futhi sengathi ngiyambona wayeyindoda ebukeka imahlikihliki ngempela, nokumbuka.

19 Kodwa asizange...bonke abazange bafe bonke. Abafile bonke—bonke. Ezinsukwini zoMkhandlu waseNayisiya... abaningi benu bantu ofunde *UMkhandlu waseNayisiya weBandla lasekuQaleni*, ngenkathi befuna ukwenza inhlangano kuwo futhi babhidlize onke amanye amabandla, bese bengena kwelilodwa, ngenkathi benalowoMkhandlu waseNayisiya, indoda emahlikihliki njengoElisha yangena lapho ivela ehlane, idla imifino yodwa; indoda enkulu emahlikihliki. Kodwa izikhulu, abaphakeme, phansi kukaKonstantine, nokunjalo, balithulisa iphimbo labo. Ngoba labo, bengabaprofethi, bazi ukuthi uhlamvu lukakolo loMlobokazi oliBandla lwalufanele luwele emhlabathini, ngokufanayo nohlamvu lukakolo kuMyeni lwalufanele luwele emhlabathini. Futhi lwalala lapho iminyaka eyinkulungwane.

20 Kungakho bebhala ezincwadini namhlanje, "Uphi lowoNkulunkulu othule owakwazi ukuma abuke, abone abantwana abancane bebulawa, nabesifazane bedatshulwa izicucu ngamabhubesi, futhi ahlale ezibhakabhakeni futhi angasho lutho ngakho na?" Abalazi iZwi. Lolohlamvu lukakolo lufanele luwele emhlabathini. Wayengakwenza kanjani uNkulunkulu olungileyo ukuba ame abukele iNdodana yaKhe uQobo ife futhi iphinyiselwe, nokunjalo na? Kodwa kuhambisana neZwi, kufanele kubenjalo. Futhi kungaleyondlela ngisho nakulelihora.

21 Lendoda, yayiyindoda enkulu. Yayinesizukulwane esonakeleyo phambi kwayo. UAhabi wayeyinkosi, uyise ngaphambi kwakhe wayekade emubi. Selokhu kwasukela kuSolomoni, bekulokhu kubakhona inkosi eyodwa embi emva kwenye. Futhi lendoda, uAhabi, owabusa iminyaka engamashumi amabili-nambili eSamariya, wayemubi kunawo onke. Wayeyisimanje manje ngempela. Wayekholwa yinkolo, impela. Futhi wayenayo yonke into enkambisweni yesimanje manje. Wayenabaprofethi bakhe bamaHeberu abangamakhulu amane, bonke befundiswe kakhulu futhi baqeqeshwa. UNkulunkulu wamthumelela oyedwa futhi akazange akukholwe, futhi lowo kwakunguElija.

22 Kodwa uElija, lomThishibi, wayeyindoda yasehlane. Kungesiyo indoda esulekile; wayeyindoda emahlikihliki. Futhi ngelinye ilanga, emva kokuba uAhabi esonile uNkulunkulu waze akangabe esakumela, Wakhuluma kuElija ehlane. Futhi nangu ehla ngomgwaqo eya eSamariya, njengoba bengihlale ngikuchaza ngomfanekiso; mhlawumbe ubuhwanqa obumhlophe buphumele ebusweni bakhe, ikhanda eliyimpandla licwebezeliswa yilanga, amehlo amancane alufifi, emuva lapho ephethe induku ngesandla sakhe, ukumamatheka ebusweni

bakhe, wakhuphuka wahamba waqonda ngqo enkosini yakwaIsrayeli, wayesethi, "I. . . Akuyikuwa ngisho amazolo ngize ngiwabize."

23 Nkulunkulu siphe indoda enjalo, niyabo, indoda aziyo ukuthi enzani ngo ISHO KANJE INKOSI.

24 Manje, sithola ukuthi ngaphambi kokuba akwenze lokhu, ukuthi uNkulunkulu wabe embizile. UNkulunkulu wayekhulumile naye futhi, ngakho-ke, wayengesabi lutho. Wayengawesabi umlayezo wakhe, ukuthi wawungeke wenzeka; wayazi ukuthi wawuzokwenzeka! Wayazi ukuthi kwakuhambisana neZwi leNkosi, futhi wayazi ukuthi wayengumprofethi kaNkulunkulu wehora. Ngakho-ke noma ngabe inkosi yayizomnquma ikhanda, imphonse etilongweni, noma ngabe babezokwenzani, akwenzanga mehluko kuye; wayenomyalo, "ISHO KANJE INKOSI," ebusweni benkosi ngqo. Umuntu omahlikihliki kanje pho! Kodwa ngaphambi kokuba enze lokhu, wabikezela lesisomiso esikhulu . . .

25 Ngokuba uNkulunkulu angeke asiyekele isono singajeziswanga. Kufanele kubekhona isijeziso. Usizani umthetho ongena—nasijeziso na? Bekuzosiza ngani, ukuthi, "kuphambene nomthetho ukweqa ilambu," futhi kungabikho-nhlawulo emva kwawo, kumbe kungabikho-sijeziso emva kwawo na? Bekungebe ngumthetho. Ngakho kukhona isijeziso esonweni. Futhi uma uNkulunkulu enza umthetho, nalowomthetho—mthetho ushaywa indiva, khona-ke kufanele kubekhona isijeziso salokho.

26 Nalesisizwe sasiyeqe yonke imithetho yaKhe. O, babenebandla elikhulu, babenethempeli. Babenenqwaba yamadoda afundisiweyo. Babenabaprofethi lonke izwe, benezikole zabo, bebaphenduphendula njengomshini. Futhi babenenqwaba yabaprofethi, babenenqwaba yaba—yabapristi, babenenqwaba yababhali, futhi babenenqwaba yenkolo, kodwa babekude neZwi likaNkulunkulu. Ngakho uNkulunkulu wabiza indoda ingaphandle kwanoma yisiphi sezikhundla zabo nhlobo, futhi wayithuma yangena ino ISHO KANJE INKOSI.

27 Futhi qaphela ukuthi Ubanakekela kanjani abaKhe uQobo. Ngaphambi kokuba Athumele lomprofethi enomlayezo, Wathi, "Elija, yehla utshele iNkosi uAhabi lezizinto. Futhi manje, uma wenza, usuke ngokushesha kuye, ngokuba Ngikwenzele indawo ukuba uye kuyo ngesikhathi sesomiso. Ngizokunakekela, Elija, uma nje ushumayela iZwi laMi, wenze nje lokhu eNgikutshela ukuba ukwenze."

28 Manje ngizofanisa lenkonzo enkulu, kulobubusuku, kaElija nesikhathi sikaElija, nanehora esikulo manje. Ngikholwa ukuthi Kungumfanekiso ophelele. Ngicabanga ngezizwe . . . ukuba ngi . . . besinesikhathi sokubuyela emuva, kodwa ngifuna ukubeka inqwaba yesikhathi emgqeni wokukhulekelwa.

29 Ngakho ukuba besingabuyela emuva futhi sibone, uIsrayeli wayethathe iPalestine phezu kwezisekelo ezifanayo esathatha ngazo leUnited States. Singena kuleUnited States futhi sadudula abahlala khona, okwakungamaNdiya, futhi salidla izwe. Kanjalo noIsrayeli ufika ePalestine, phansi kobuholi bukaJoshuwa, phansi kukaNkulunkulu, futhi badudula abahlala khona base belithatha izwe.

30 Futhi amakhosi abo okuqala ayengamadoda anamandla; uDavide, uSolomoni, nendoda enkulu. Omengameli bakithi bokuqala babengamadoda amakhulu; uWashington, uLincoln, nabanjalo. Kwase kuthi ekugcineni omengameli noma amakhosi aya ngokulokhu ebola kakhulu ngaso sonke isikhathi, futhi ekugcineni aphethela kuloAhabi. Umfanekiso impela, okohlobo losuku lwethu. Futhi abantu base beyisimanje manje kakhulu babengasafuni ukuzwa iZwi leqiniso leNkosi.

31 Futhi ungabona nje, kubantu besimanje manje abanjalo, yayingezwakala kanjani kubo inceku kaNkulunkulu yeqiniso. "Ngani, wayehlanya, wayephambene umqondo. Yayingebe bikho into enjalo." Babekholwa, bekholwa impela. Babenendoda eqotho, babenabantu abaqotho. Babekholwa impela.

32 Ngakho wazi ukuthi kwakuzothatha ongaphezulu kosiyazi wezenkolo ojwayelekile, kwakuzothatha okungaphezulu kwa—kwanoma yimuphi umlayezo ojwayelekile, kwakuzothatha okungaphezulu kokushumayela iZwi nje, ukuqhekeza izinhliziyo zabo ezinonya. Wayazi ukuthi kwathatha u ISHO KANJE INKOSI ukuthumela lokho kwahlulela phansi phezu kwalabo bantu, ngakho wazi ukuthi ngenkathi ephuma no ISHO KANJE INKOSI. Futhi kwakungu ISHO KANJE INKOSI. Ukwedelela Lokho, kwakungukwehlulelwa. Siyakubona lokho osukwini lwethu, futhi. Siyakubona lokho kunoma yiluphi usuku. Akusekho okusele kepha ngukwahlulelwa uma unyathela weqe umugqa womusa.

33 Manje, lowomfanekiso lapho engizofanisa uElija nawo, ibandla namhlanje, ibandla lanamhlanje. Ngaphambi nje kokwahlulelwa, wemukela lomlayezo. UElija, yena emele, enakekelwa ngokwemvelo, ukudla kwakhe kokwemvelo, ngoba lase lingezukuna manje, ngokwezi likaNkulunkulu, iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha, noma ize ibizwe nguElija. "Noma ngabe yisiphi isikhathi osho ngaso, Elija, kuyoba yilokho." Ngakho-ke wahamba wenyukela enkosini, wayesethi, "Akuyikubakho ngisho amazolo ayokuwa ngize ngiwabize." Lokho impela kungu—ngumthwalo, akusiwo na? Lowo ngumlayezo ngempela!

34 Futhi manje sizofanekisa lokho nesomiso sokomoya sanamhlanje. Manje, sonke siyazi, sazi kahle kamhlophe, ukuthi kukhona isomiso esikhulu sokomoya ezweni namhlanje, ngokukhuluma ngokomoya. Futhi, niyazi, lokho kwabikezelwa

ngabaprofethi, ngaphambi nje kokuba kubekhona ukuFika kukaKristu kwesibili, bathi, "Kuyakufika indlala ezweni, futhi ayikuba ngeyesinkwa sodwa, kodwa eyokuzwa iZwi likaNkulunkulu." Futhi lolosuku lumanje, "ukuzwa iZwi likaNkulunkulu leqiniso." Manje, lokhu kufanekisa isomiso sokwemvelo nesokomoya.

35 Isono nokungakholwa, ngabafundisi bamanga nabesimanje manje ebandleni, base belethe indawo kulokhu ukufika, ukwahlulela okusondelayo. Base-ke besuke eZwini likaNkulunkulu nomprofethi waKhe, baya emagameni olwazi lwezenkolo lwesimanje manje lweZwi.

36 Niyaqaphela lapha, kungalesosikhathi nje ukuthi uNkulunkulu njalo uvusa okuthize. Kusobala, Yena, njalo, Akenzi lutho aze athi kuqala Akwembulele abantu, futhi Uhlala njalo ekwembula ngezinceku zaKhe.

37 Manje, kodwa uElija, ngalesisikhathi, wayenendawo eyimfihlo uNkulunkulu ayembekele yona ukuba aye kuyo. Yileyonto esifuna ukuyibona manje ngaphambi nje kokuba sibe nomugqa wabakhulekelwayo. UElija wayenendawo eyimfihlo eyayilungiswe nguNkulunkulu qobo lwaKhe. Manje, ibandla alizange limlungiselele yona, inkosi ayizange imlungiselele, akazange ayilungise yena qobo lwakhe, kodwa uNkulunkulu walungisela uElija indawo eyimfihlo ukuba ondliwe sonke isikhathi ngesekhathi sesomiso, lapho ukudla kwakhe kwakulungiselelwe khona usuku nosuku. Akadinganga ukumangala ukuthi kuzokwenzekani kusasa noma amangale ukuthi okulethwayo akuzukuphela yini. UNkulunkulu wathi, "Ngiyalile amagwababa futhi azokondla." Into emangalisa kanje pho, umfanekiso wendawo yethu eyimfihlo kuKristu.

38 Ngenkathi umkhandlu womhlaba nakho konke lokho okwenzekayo namhlanje, othi, "Izinsuku zezibonakaliso selwedlule." Amandla amakhulu kaNkulunkulu asekhishiwe emabandleni. Babonakala sengathi, manje, abanalutho kepha "ithusi elikhencezayo nensimbi encencethayo." Sikwazi lokho kuyiqiniso. "Nesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha Amandla akho bewaphika."

39 Kuyinto efanayo nje neyenziwa nguDavide kulokhukusa, nezinqola zezinkabi, wasuka eZwini. Ngenkathi iZwi lethulwa futhi linikwa bona, abaLifunanga; ngakho-ke, base besukile kuLo.

40 Yilokho okwakwenziwe yilababantu ngezinsuku zikaElija, basuka eZwini. Bacabanga ukuthi babenalo iZwi, kodwa babengenaLo. Ngakho qaphelani-ke e . . .

41 Ngesikhathi Ayezojezisa ngaso ongakholwayo, Wenzela indlela okholwayo. Into efanayo Ayenzayo njalo ngesikhathi. Ngezinsuku lapho Wayezobhubhisa khona izwe ngamanzi, Wenzela uNowa indlela yokuphunyuka. Ngezinsuku

Ayezocwilisa ngazo iGibhithe, Wenzela abantu baKhe indlela yokuphunyuka ngaphesheya kolwandle. Uyenza kanjalo-ke uNkulunkulu indlela yaKhe! Futhi lapho okungekho-ndlela khona, UyileyoNdlela. UyileyoNdlela!

42 Manje siyaqonda ukuthi sibhekene nokunye kwe. . .elinye lamahora amakhulu kunawo onke umlando osewake walazi. Akusiso ngempela isihloko sokuthungela umlilo nomcibisholo okhanyayo ocwebezelayo, unekhanda kuwo, okufanele siwesabe. Ngamabandla okufanele siwesabe. Yihora esiphila kulo okufanele silibhekisise.

43 Manje qaphelani, kodwa uNkulunkulu wamenzela indlela uElija ukuba aphunyuke kukho. Futhi Wenze indlela yabantwana baKhe abakholwayo ukuba baphunyuke kukho manje, ulaka nezinto okuzofika.

44 Ngoba, uNkulunkulu wayengebe ngolungileyo ukwehlulela labo bantu bese ebathumelela isijeziso, futhi acwilise iSodoma neGomora, futhi acwilise iKapernawume phakathi nolwandle, futhi alahle lezozizukulwane, neSodoma neGomora, bese-ke eyekela thina senze into efanayo futhi sizedlulele nayo. Nathi sibhekene nokwahlulelwa impela nje njengoba nabo babebhekene nokwahlulelwa impela. Manje siyaqaphela ukuthi i. . .

45 Uma lezizinto ziqubuka, inkambiso yesimanje manje yalolosuku, uNkulunkulu waphakamisa indoda ngalolosuku, noma wavusa indoda, njalo, ukulwa namandla, futhi abakulalelanga. Babecabanga ukuthi wayehlanya, "Wayeselahlekelwe ngumqondo wakhe. Wayeluhlanya nje oluthize oludala, isithutha esivela ehlane, osethi ukuhlanyiswa ngamahlathi." Kepha, nokho, wayeneZwi leNkosi.

46 "IZwi alikuqondile Elikushoyo," bayasho namhlanje. "O, hhayi, iBhayibheli liyincwadi yomlando." Ngiqagele nikubonile lokhu, ukuthi manje sebethi, ukuthi, "UEva akazange adle i aphula, udla i. . . " Kwakuyini konje? Ngikholwa. . . "Kwakuyibhilikosi," basho njalo manje. "Kwakuyibhilikosi." Bese-ke, ukuthi, "UMose akazange alethe abantwana badabule oLwandle oluBomvu. Kwakuyisixheke esikhulu somhlanga, enhla ngakwenye ingxenye yalololwandle, futhi wadabula olwandle lomhlanga." Amanzi-ke enza kanjani, m-a-n-z-i, akhuphuke abe ludonga nxa zombili; badabula emhlabathini owomileyo, pho? O, umbhedo onje pho! Kodwa, niyabo, kuthatha lolohlobo losuku ukuletha ulaka lukaNkulunkulu lwehlele phezu kwabantu. Luyakwenza.

47 Bathi ayikho into enje—enjengalezi. . .Ngisho nabantu bebandla abakholelwa ezibonakalisweni. "Ngizokupha inkulungwane yamadola," bathi, "ngikhombise isibonakaliso. Ngikhombise isibonakaliso!" Yebo, babengeke basibone ukuba

kwakukhona izinto eziyizinkulungwane eziyishumi ezazenziwe phambi kwabo. Ngani, bona, babengeke baze basibone.

Wena uthi, "Lokho kungokungenzeke." O, qhabo, akunjalo.

48 UElija ngesinye isikhathi wayesezansi eDothani, nempi yamaSiriya yayiwelile futhi yakaka umuzi, ukuba imthathe, ngoba bayazi ukuthi kulapho a—amandla esizwe elele khona, ayekulowomboni. Ngani, inkosi . . . Enye yamadoda yatshela inkosi yaseSiriya, yathi, "Ngani, uyazi, uElija umprofethi, waseThibi, utshela inkosi yakwaIsrayeli lokho ongakhuluma ngakho ekamelweni eliyimfihlo."

49 Yathi, "Hambani nimthole lowomfo! Yilowomfo osivimbelayo." Nayoyonke impi yamaSiriya yanyonyoba yangena ngale eDothani. Bonke babelizungezile.

50 Futhi uGehazi, i—inceku yomprofethi, yavuka, yayisithi, "O, baba wami, izimpi zonke isizungezile lapha. Sikakwe gimbici."

51 Wathi, "Ngani, abanathi baningi kunabanabo." Niyabo?

NoGehazi waqalaza, wathi, "Angiboni-muntu."

52 Wathi, "Nkosi Nkulunkulu, vula lawomehlo omfana." Namehlo akhe avuleka, nawo onke amagquma ayegcwele iziNgelosi nezinqola zihleli zizungezile, Amandla angabonwayo.

53 UElija waphuma waqonda lapho, futhi iBhayibheli lathi, "Wabashaya ngobumpumputhe." Waphumela kubo; babephuphuthekile kuye. Waphuma wayesethi, "Nifuna uElija na?"

Wathi, "Yebo, sifuna yena."

54 Wathi, "Wozani, ngizonitshela lapho akhona impela," futhi wabaholela ekuqamekeleni ngqo, khona impela lapho izimpi ezaphuma khona zabathola.

55 Manje, iBhayibheli lathi, "Wabashaya ngobumpumputhe." Lokho kwenele. Futhi abantu baphuphutheke kakhulu ngokomoya namhlanje, naphezu kokuba iNkosi uNkulunkulu yehla phakathi kwabantu futhi yenze noma yini, nezinto Eyazethembisayo, basalokhu bengaLiboni. Baphuphutheke ngokomoya; abamazi uNkulunkulu, abawazi Amandla aKhe amakhulu. Manje, siyaqaphela ukuthi bakwenza lokho ngezinsuku zikaElija, futhi basakwenza nanamuhla. UNkulunkulu ubashaya ngobumpumputhe. Bayasho namuhla, ukuthi, "Akukho-zibonakaliso, ayikho into enjalo, konke lokhu amadlingozi."

56 Futhi basho into efanayo ngoElija, ngoba ngenkathi ekhushulwa noElisha wathatha indawo yakhe, insizwa, yabanempandla isencane, abantwana baphuma bagijima emva kwayo, base bethi, "Mpandla-ndini endala, awenyukanga ngani noElija?" Niyabo, babengaLikholwa ngisho nasekuqaleni, abantu, emva kwezinto eziningi kakhulu ezazenziwe. Futhi

lendoda enkulu kaNkulunkulu yayithathwe yasiwa eZulwini ngenqola yomlilo, futhi abantu noma kunjalo abaLikholwanga. Futhi babenabantwana babo abancane begijima emva kwalendoda futhi bethi, "Mpandla-ndini endala, awenyukanga ngani?" Niyabo? Wase ebaqalekisa-ke abantwana umprofethi, nebhere lensikazi labulala abangamashumi amane-nambili abo.

57 Manje qaphelani. Namhlanje, njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, babeka ukuchasisa okungokwabo eZwini. Manje, uma befuna ukwenza lokho, lokho kukubona, kodwa bazama ukusenza sikukholwe. IBhayibheli lasho ukuthi, "LeliZwi likaNkulunkulu alichasiselwa ngumuntu ngokwakhe." UNkulunkulu wenza ukuchasisela kwaKhe uQobo. UNkulunkulu uqinisa iZwi laKhe, futhi lokho kungukuchasiswa kwaLo. Njengoba bengihlale ngisho izikhathi eziningi, Washo ekuqaleni, "Makube-khona ukukhanya," kwaba-khona ukukhanya. Lokho akudingi ukuchasiswa; kwenzeka. Wathi, "Intombi yayizokhulelwa," yakhulelwa. Wathi Wayezo "thulula uMoya waKhe," Wawuthulula. Futhi Wathi, "ngezinsuku zokugcina," izinto Ayezozenza, futhi Uyakwenza! Akudingi kuchasiselwa; uNkulunkulu wenza ukuchasisa kwaKhe uQobo. Akunandaba ukuthi indoda eyisiwula ithini, lokho akummisi nakancane uNkulunkulu.

58 Ngenkathi uJesu esesemhlabeni, Wayenokuningi ukungakholwa ukuba alwe nakho ngangoba sinakho namuhla, futhi mhlawumbe ngaphezulu. Kodwa akuzange kuMmise; Waqhubekela phambili ngqo enza futhi eqhuba umsebenzi waKhe, noNkulunkulu eqinisa konke Akwenzile. Wathi, "ANgingedwa. UBaba waMi naMi simunye; Uhlala kiMi. AkusiMina engenza imisebenzi, nguBaba ohlala kiMi. Futhi uma Ngingenzi imisebenzi yaKhe, khona-ke ningaNgikholwa; kepha uma Ngenza imisebenzi futhi nokho ningenakuNgikholwa, kholwani yimisebenzi." Niyabo? Ngamany'amazwi, ba... "Hlolani imiBhalo," Wathi, "ngokuba kulapho enithi ninokuPhila okuPhakade khona, kungokwazi imiBhalo. Futhi imiBhalo, qobo lwaYo, ufakaza ngaMi." Ameni! Inkulumo-mbiko enje pho! "Yiyo, imiBhalo, enitshelayo ukuthi NginguBani," Kwasho uJesu.

59 Futhi yimiBhalo enitshelayo ihora esiphila kulo. Nezinto enizibona zenziwa, nguNkulunkulu qobo lwaKhe phakathi kwabantu baKhe. Akukho okungavusa abafileyo kodwa nguNkulunkulu. Akukho okungenza izinto Azenzayo manje kodwa nguYe. Ngokuba iBhayibheli lathi, "Unguye izolo, namuhla, naphakade."

60 Manje sibona leyonkambiso yabantu besimanje manje, ngaleyonkathi, "O, izinsuku sezedlule, ayikho into okuthiwa yizibonakaliso. Abantu bonke basetshenzwe ngokwamadlingozi."

61 Lalelani lowo Elija, umprofethi, ememeza kakhulu emelene nabo nosiyazi babo bezenkolo. Qaphelani, qaphelani, wakhuluma sengathi wayenguNkulunkulu uqobo lwaKhe. UElija wakhuluma sengathi wayenguNkulunkulu uqobo lwaKhe, "Amazolo awayikuwa evela ezulwini ngize ngiwabize." Ameni! Yebo, mnumzane. Umprofethi wayesenesikhathi eside eseBukhoneni bukaNkulunkulu!

62 Abaprofethi beTestamente eliDala, kumbe noma ngasikhathi sini, ngenkathi behlala eBukhoneni bukaNkulunkulu baze babayiZwi, uMlayezo wabo uyiZwi qobo lwaLo. Futhi, khumbulani, wathi, "ISHO KANJE INKOSI." Futhi ngenkathi lawomadoda enaleyomilayezo ivela kuNkulunkulu, futhi baze bangena shi kwaze kwathi ukucabanga okungokwabo . . . Kungahle ukuba kwakuphambene nokucabanga kwabo, bangahle ukuba babengakwazi uku—ukukubona kukahle. Kodwa babekhuluma iZwi likaNkulunkulu, "ISHO KANJE INKOSI."

63 "Akuyikubakho-mvula ngize ngiyibize." O, inkulumo-mbiko enje pho! Wayekade eseBukhoneni bukaNkulunkulu futhi waqinisekiswa ngokuphelele. Futhi, khumbulani, lokho futhi kulandela uAmose 3:7, "INkosi uNkulunkulu ayikwenza lutho Ingakakwembuli kuqala ezincekwini zaYo abaprofethi." Wathi, "Akuzukabakhona-mvula enayo!" Kuqala u . . .

64 Bamhleka, babecabanga ukuthi wayehlanya. "Lolohlanya!" Kodwa, niyabo, wayeno ISHO KANJE INKOSI ukuthi lalingezukuna. Futhi, uNkulunkulu, ngaphambi kokuba nenze lokho, Wakwembula kuElija inceku yaKhe. Futhi wayengoqinisekisiwe, umprofethi ofakazelwe, ngakho abantu babefanele ukuphenduka. Kodwa, esikhundleni salokho, bamhleka, bathi, "O, sinenqwaba yemvula! Amathange amakhulu agcwele. Imifula igeleza kahle."

65 IBhayibheli lasho ukuthi, "Kwakungekho ngisho amazolo iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha." Yonke imifudlana namanzi asha, yonke indawo. Lowo kwakungesuye lowomuntu, lowo kwakunguNkulunkulu ekhuluma ngalowomuntu. Lowo kwakungu "Ngi" kwakunguye. Sihlale sazi. Ngakho u . . .

66 Sithola ukuthi uma indoda ifika, ithunywe ivela kuNkulunkulu, ibekwe nguNkulunkulu, ino ISHO KANJE INKOSI weqiniso, umlayezo nesithunywa bamunye futhi bayafana. Ngoba sithunyelelwe ukumela u ISHO KANJE INKOSI, iZwi ngeZwi, ngakho sona nomlayezo waso bayafana.

67 Indoda yehlelo phansi kwezigameko zehlelo, yona nebandla "kunye." Usiyazi wezenkolo phansi kolwazi lwezenkolo, olwenziwe yihlelo, yena nomlayezo wakhe bamunye; ibandla lolwazi lwezenkolo, usiyazi wezenkolo. Kuyikho impela.

68 Bese uma indoda ifika no ISHO KANJE INKOSI, yona noMlayezo kunye. Futhi ngenkathi uElija efika no ISHO KANJE INKOSI, yena nomlayezo wakhe babamunye. NjengoJesu nje, ngenkathi Efika, WayeyiZwi, uJohane oNgcwele 1. Ngakho iZwi likaNkulunkulu nesithunywa sonyaka kwakuyinto efanayo, ngaso sonke isikhathi. Kunjalo.

69 UJesu wayeyiZwi okwaprofethwa ngalo. Wayeyilokhu abaprofethi ababethe kuyokwenzeka, "Intombi iyokhulelwa izale loMntwana." Emuva le ekuqaleni, uNKulunkulu wabatshela, wathi, "INzalo yowesifazane iyakulimaza ikhanda lenyoka, yona iyakulimaza isithende sakhe." Zonke leziziprofetho zazinikeziwe. UDavide ekhala, bonke abanye abaprofethi phansi kusukela eminyakeni, bekhuluma ngaYe. WayeyileloZwi elibonakalisiweyo! Haleluya!

70 Manje niyabona lapho engizama ukufinyelela khona na? Ngikhulume nani ngokusobala impela kulokhukusa. Aniliboni igunya likaNkulunkulu ophilayo eBandleni eliphilayo, uMlobokazi na? Abagulayo bayaphulukiswa, abafileyo bayavuswa, izishosha ziyahamba, izimpumputhe ziyabona, iVangeli liphuma ngamandla aLo, ngokuba uMlayezo nesithunywa bayafana. IZwi liseBandleni, kumuntu.

71 IZwi likaNkulunkulu lalikuElija ngenkathi enyukela lapho eno ISHO KANJE INKOSI, wayesethi, "Alizukuna." Lowo kwakungesuye uElija; lowo kwakunguNkulunkulu eku Elija.

72 Ngishilo izikhathi eziningi, njengentombi yeSayense yamaKristu eyake yangitshela ngesinye isikhathi. Ngixoxile ngakho izikhathi eziningi. Yathi, "Mnu. Branham, uqhosha kakhulu ngoJesu."

Ngathi, "Ngethemba ukuthi iyonanto kuphela engifanele ngiphendule ngayo."

Futhi yathi, "Uzama ukuMenza abe ngangoNkulunkulu."

Ngathi, "WayengangoNkulunkulu."

73 Yathi, "O, Wayengumprofethi, Wayengumuntu olungileyo, kodwa Wayengesuye ongangoNkulunkulu."

74 Futhi ngathi, "Yebo-ke, ngikhombise umBhalo owodwa othi Wayengesuye."

75 Yathi, "ENcwadini kaJohane oNgcwele, kuyasho ukuthi Wa 'khala' ngenkathi Eya ethuneni likaLazaru."

76 "Yebo-ke," ngathi, "impela, Wakhala. Wayeyikho kokubili umuntu nokuba ngangoNkulunkulu. Wayengumuntu, ekhala; kodwa Wadingeka abe nguNkulunkulu ukuvusa abafileyo." Kunjalo. Ngathi, "Wayengumuntu, elambile; kodwa WayenguNkulunkulu ondla izinkulungwane ezinhlanu, ngamabheskidi amabili nezinhlanzi ezinhlanu." Kunjalo. "Wayengumuntu, elele kwingemuva lesikebhe; kodwa

kwakunguNkulunkulu ekuYe owayekwazi ukuthulisa amanzi." Ngokuba ngani na? Yena noMlayezo waKhe wayemunye.

77 Wathi, Mina noBaba waMi simunye. UBaba waMi uhlala kiMi." Wayengukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba.

78 Ngicabanga ukuthi kwakumangalisa kakhulu ngelinye ilanga, ngenkathi ngethula *ImiNyaka eyisiKhombisa yeBandla*. Ukuqala ngakho nje, nga—ngangingakuqondi uJesu emi lapho nalezo. . .nalokho okumhlophe phezu kwaKhe kanjalo, kwathiwa, "Izinwele zaKhe kumhlophe njengoboya bezimvu." Angikuqondanga ukuthi kwakungenzeka kanjani ukuthi indoda enamashumi amathathu-nantathu eminyaka ubudala ibe-mhlophe njengeqhwa.

79 Ngabiza usiyazi wezenkolo olungile, usiyazi wezenkolo oyiPentecostal, olungile umngane othandekayo. Yebo, kwakunguMfowethu Jack Moore. Uhlakaniphile, indoda ekhaliphile. Wathi, "Mfowethu Branham, lowo kwakunguJesu ekhazimulisiwe. Wayebukeka kanjalo emva kokuba Esekhazimulisiwe." Qhabo, angikukholwanga lokho. Qhabo.

Nga—nga—ngathi, "Yebo, Mfowethu Moore, ngiyabonga."

80 Ngangena ekamelweni lapho futhi ngakhuluma noNkulunkulu. Ngabheka esikhombamazwini sami ukuMthatha ngimbuyisele kuDaniyeli, lapho okwathi khona, "Wayesefika koMdala weziNsuku Ozinwele zazimhlophe njengoboya bezimvu." Ngathi, "Nkosi, a—a—angazi ukuthi ngizothini, futhi nginesibopho." Manje, lokho kwakuphambi kwe se-. . .futhi khumbulani, ngaphambi kokuba iziMpawu eziyisiKhombisa zivulwe, cishe unyaka noma ngaphezulu, ngaphambili. Ngangithandaza lapho, "NKosi, kwakuyini na?"

81 Futhi ngabheka, kumi phambi kwami, futhi nakho kumi indoda futhi yayingumehluleli, futhi yayifake izinwele ezimhlphe zokufakelwa zabahluleli. Abahluleli abadala bezinsuku zakudala babevamise ukufaka izinwele ezimhlophe zokufakelwa ukukhombisa ukuthi wayeyigunya elikhulu kunawo onke.

82 Kwase kuthi-ke lapho sengibone uJesu enezinwele ezimhlophe zokufakelwa, ngathi kuqinisekisa kuphela iqiniso esilaziyo, ukuthi UyiGunya eliKhulu kunawo onke. UNkulunkulu wafakaza into efanayo eNtabeni yokuGuqulwa isimo, wathi, "Lona yiNdodana yaMi ethandekayo, Yizweni, iGunya eliKhulu kunawo onke!"

83 Bese kuthi emuva phandle lapho ekuqaleni kweziMpawu eziyisiKhombisa, ngenkathi lezoziNgelosi eziyisikhombisa zehla zikulesosimo sesivivane, zama lapho futhi zangitshela ukuba ngibuyele lapha futhi ngikhulume ngalezoziMpawu eziyisiKhombisa, futhi Wayezoba nami. Wangikhombisa ukuthi zaziyini, izinto ezilahlekile. Ngangihlale njalo ngicabanga ukuthi kwakubekwe uphawu ngemuva kweNcwadi

nokuthi kuyoba yinto eyayingalotshiwe eNcwadini, kodwa kwaphenduka kwaziswa ukuthi Angeke akwenza lokho. Akusiyo into elotshwe eNcwadini . . . Kuyinto ebifihliwe eNcwadini. "Ngokuba oyosusa iZwi elilodwa kuYo kumbe enezele izwi elilodwa kuYo . . ." Ngakho kuyimfihlakalo ebiseNcwadini kuleminyaka eyisikhombisa yebandla. Ngamunye wayo waveza i—imfihlakalo, konke ngombhaphathizo wamanzi nalezi ezinye izinto akade bephuthaza ngazo isikhathi eside.

84 Kwase kuthi-ke ngenkathi lokho kwenyuka, iziboniso ezinkulu zezulu ukusuka ezansi eCalifornia, kuyoshaya phansi eMexico, phezu kweTucson, ndawo zonke, bethatha isithombe saKho. Kwakuyinto ebonakala iyimfihlakalo. UMfowethu Sothmann lapho, ehlezi khona laphaya emuva, futhi mina noMfowethu Gene Norman, emi khona laphaya ekhona ngenkathi kukhuphuka. Bathatha isithombe, namanje abazi ukuthi kumayelana nani. Lapha esikhathini esithize esedlule, wonke umuntu ethi, "Buka lapha. Lokhu kubukeka njenga *lokhu*, nalawomaphiko eziNgelosi, ukuthi ziphicwe kanjani phakathi lapho."

85 Ngelinye ilanga, ngisiphendulela kwesokudla, ngibuka, nango uJesu Kristu ephelele nje njengoba uHofmann ake aMdweba. Kwakumi lapho kufake izinwele ezimhlophe zokufakelwa, ebuka emuva phansi ngasemhlabeni, ekhombisa ukuthi UyiGunya eliKhulu kunawo onke. AmaZulu ayakumemezela, iBhayibheli liyakumemezela, uMlayezo uyakumemezela. Konke kuyafana. IGunya eliKhulu kunawo onke, efake izinwele ezimhlophe zokufakelwa; niyayibona intshebe yaKhe emnyama ngaphansi. Abaningi benu basibonile isithombe. Sinaso emuva laphaya. Siphendulele kwesokudla nje, lucezu, sibuke. Nango, kuphelele njengoba nje kwakunjalo, uma bekuthwetshulwe isithombe saKhe. Basibuka ngecala okungesilo. Ufanele usibuke ngecala okuyilona. Futhi yiNkosi uNkulunkulu kuphela engembula ukuthi yiliphi icala okuyilona. Siphendulele ngakwesokudla sakho bese uyasibuka. Nango, uphelele phaqa, ukuba bekuthwetshulwe isithombe phezulu laphaya.

86 Okokuqala ukuba ngize ngiMbone, Wayebukeka njenge*Khanda lika* . . . Hofmann. Ngangingakaze ngisibone leso ngaphambilini. Futhi etabernakele likaBilly Sunday, iminyaka kamuva, ngasibona. Indlu yami ayikaze ingabi nesisodwa sezithombe kusukela lapho.

87 Kwase-ke, lapha ezibhakabhakeni, ngithi yena impela uNkulunkulu engambonayo phezulu kulombono phandle lapha, ngingumfanyana nje phandle lapha ngalapho okumi khona lendlu yesikole, Wayebukeka njengalokho. Futhi lapha emaZulwini, eminyakeni engamashumi amathathu—nantathu kamuva, liyakumemezela, ukuthi kuliqiniso. Yileyondlela

Abukeka ngayo; akusiyona into ethize eyinsumansumane yomqondo womuntu-mumbe.

88 NjengaseVatican, bano—no—noKristu odwetshwe lapho, nendingilizana emhlophe yentshebe kumbe indingilizi yentshebe ekake isilevu saKhe, ethi ayibe yinde ngohhafu weyintshi, ehamba ikake ingaphezulu lomlomo waKhe futhi ka*nje*, futhi babiza lokho ngokuthi uKristu.

89 Lokho kungifaka emqondweni womdwebi oyiGreki ngike ngabona kanye indlu yakudala yesonto enkulu enesihlalo sombhishobhi, likhombisa ukuthi uAdamu noEva babebukeka kanjani; babebukeka njengezilo kumbe okunye. Yilokho umqondo wokwenyama ongakubona kwento ethile yokomoya. Ngicabanga ukuthi uAdamu wayeyindoda enhle kunawo onke asake aphila, noEva wayengowesifazane opheleleyo ngandlela zonke.

90 Manje imiqondo yokwenyama usonga Into ngokwemibono okungeyabo, bese-ke uNkulunkulu ethumela phansi futhi asombulule Into ngaMandla aKhe. Yilokho impela okwenzeka lapha ngezinsuku zikaAhabi.

91 Manje, sithola ukuthi uElija wayengakusho lokho ngoba uMlayezo wehora neZwi likaNkulunkulu. . . Isithunywa, uMlayezo—uMlayezo, neZwi, kwakuyinto efanayo nse. Umprofethi, iZwi, uMlayezo; isithunywa, uMlayezo, noMlayezo, wawufana. UJesu wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi elotshwe ngaMi, khona-ke ningaNgikholwa." Lokho kuhle. Noma yiyiphi indoda nomlayezo wayo kunye.

92 Yingakho namhlanje ukuthi abakholelwa ekwenzeni imisebenzi kaNkulunkulu, ngoba abawemukeli uMlayezo kaNkulunkulu. Abawukholwa uMlayezo.

93 Kodwa labo abalikholwayo ihora likaNkulunkulu esiphila kulo, lezizinto zinguKudla okufihliweyo. Cabanga nje, uNkulunkulu uKufihle ngangokuthi baKubuka ngqo futhi abaKuboni. Indlela efanayo uElija aphuphuthekisa ngayo impi yamaSiriya. Indlela efanayo uNkulunkulu aphuphuthekisa ngayo ongakholwayo eKudleni kweqiniso kwangoqobo komntwana, ikholwa.

94 Ababiza ngakho uNowa, "uhlanya," akha umkhumbi, amehlo akhe ayevulekele eZwini likaNkulunkulu nesethembiso. Yona impela into ababeyibiza ngentshisekelo eyeqile, yasindisa uNowa nomndeni wakhe. Niyabo, yona impela into efanayo. Into abantu abayihlekayo, iyinto esiyithandazelayo. Into abantu ayibiza ngo "hlanya," siyibiza ngokuthi i "Nkulu!" Lokho izwe elikubiza ngokuthi ku "khulu," uNkulunkulu ukubiza ngo "Buwula!" Futhi lokho izwe elikubiza ngo "buwula," uNkulunkulu ukubiza ngokuthi "Kukhulu!" Kungukwehlukana impela phakathi kokuYikho nokungesikho. UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.

95 Khumbulani, waya endaweni yakhe efihlakeleyo ngecebo likaNkulunkulu, ngobizo lukaNkulunkulu, neZwi likaNkulunkulu. UElija wangena endaweni yakhe efihlakeleyo ngokwazi ngaphambili kukaNkulunkulu (icebo), nobizo phezu kwempilo yakhe, nangokweZwi. Uma leyo kungesiyo indlela esangena ngayo, angazi kungani sifinyelela lapho.

96 Futhi qaphelani, ngaphambi kokuba kuqale isomiso, uElija wahamba wangena kulendawo yemfihlo yokuhlala kwakhe. Wona impela umfanekiso wangaphambi kokuba ukwahlulelwa kuqale ukushaya umhlaba, iBandla selivele libizelwe ngaphandle, uMlobokazi usevele ukhethiwe, futhi nje ulindele ngaphambi kokuba ukwahlulelwa kushaye. Vele ulindile, udla uKudla kukaNkulunkulu, ujabulela izibusiso zikaNkulunkulu. Noma yiyiphi indoda enomqondo ophilile iyazi ukuthi sibheke ngqo, sikulo impela ihora lokwahlulelwa.

97 Buka! Mfowethu Banks, amadoda ambalwa enu elapha kulobubusuku, emi phandle lapho phezu kwaleyontaba ngalokhokusa.

98 Futhi ngifuna ukukhuluma ngaleyontaba, ngeSonto elizayo ekuseni, iNkosi ithanda. Kunesambulo esikhulu, into ethize ethe ukuqhubeka engingakwazi ukuzibamba ukuyisho kulobubusuku. Kodwa ngine. . . Niyabo? Futhi nje kulokhu njalo, ngesikhathi sonke, into eyodwa yenzeka emva kwenye. Niyabo? Ayisoze yayeka ukwenzweka, ngokuba kwakungu ISHO KANJE INKOSI.

99 Nonke lapha, kazinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane eteyipini, ningizwile ngima ngithi, “ISHO KANJE INKOSI, kuzoba kanje nakanje.” Futhi ngisho namaphephandaba namaphephabhuku akumemezele ukuthi kunjalo. Abazi ukuthi konke kumayelana nani, kodwa bakubonile. Abazi ukuthi kuyini, kodwa bakubonile kwenza iZwi libe yiqiniso ngempela.

100 Sasimi ezansi lapha phezu komfula, leyoNgelosi yeNkosi yehla ngalolosuku, iminyaka engamashumi amathathu-nantathu, kumbe kwakungo 1933, yehla yase ikhuluma izinto eyazenzayo. Yaphuma yahamba, namadoda amaningi ema phezu kogu lapho, athi, “Bekuchazani lokho, Billy na?”

101 Ngathi, “Lokho bekungesikho okwami; lokho bekungokwenu. Ngiyakholwa; anikholwa.” Futhi nje ngaqhubekela phambili.

102 Wayesethi-ke umfundisi kimi, wathi, “Uchaza ukuthi wena, nemfundo yakho yebanga lesihlanu, uzohamba umhlaba wonke futhi uthandazele amakhosi amakhulu ezizwe namakhosi anamandla namakhosi nezinto na? Futhi, o,” wathi, “khohlwa yiKho!”

103 Angikwazanga ukuKukhohlwa, Kwakuqoshwe phezu kwenhliziyo yami. Manje lapha, iminyaka engamashumi

amathathu-nantathu kamuva, konke Akushoyo kwenzeke ngokupheleleyo ngendlela Athi Wayezokwenza ngayo. UnguNkulunkulu futhi angehluleke. Uhlala njalo eligcina iZwi laKhe. U . . . Ungalokothi uKungabaze.

104 Manje, qaphelani, wahamba wangena ngecebo likaNkulunkulu (ukwazi ngaphambili), ubizo lukaNkulunkulu, neZwi likaNkulunkulu, futhi wahamba wangena ngaphambi kokuba kungene isomiso.

Manje, siyazi ukuthi ukwahlulelwa sekulungele ukushaya.

105 Ngimi egqumeni ngalolosuku, uMfowethu Banks Woods emi lapha, sasihamba sikhuphuka egqumeni. Mhlawumpe ngiyakucaphuna futhi, ukuze lokho kwakhe ukukholwa kwenu ngalomugqa wabakhulekelwayo okuzokwenzeka kwelandelayo elishumi, imizuzu elishumi nanhlanu. Ngangihamba nje phambi kuka Mfowethu Banks. Waye . . . Ngicabanga ukuthi wayesemshiyile uDade Ruby ngenkathi egula. Futhi yena eza emva kwami, ngabuqaphela ubuso bakhe, bubomvu. Ngabheka emuva. Ngacabanga ukuthi igquma lalingahle lithi ukuba-nzinyana kuyena ukuba adonse, ngakho ngathi ukubamba izinyawo. Khona impela kulezozingwadule, amagquma aqonde phezulu ka*njalo*, khona impela lapho iziNgelosi zeNkosi zaqhamuka khona. Sasiqonde ngqo ngakuleyondlela ngaleyonkathi, lapho ezaqhamuka khona ezinyangeni ezimbalwa ngaphambi kwalokho.

106 Futhi lapho ngisenyuka igquma, uMoya kaNkulunkulu . . . Ngenkathi ngiphenduka, ngabuka esicongweni sentaba, Wathi, "Cosha lelodwala, bese uthi kuye, 'ISHO KANJE INKOSI, uzobona iNkazimulo kaNkulunkulu emahoreni ambalwa alandelayo.'"

107 Ngavele nje ngalicosha idwala, ngase ngithi, "Mfowethu Banks, angazi ukuthi kungani," ngaliphosa phezulu emoyeni, ngase ngithi, "ISHO KANJE INKOSI, uzobona iNkazimulo kaNkulunkulu."

Wathi, "Ngabe lokho kuchaza uRuby na?"

108 Ngathi, "Qha, angicabangi ukuthi bekuphathelene nawe, Banks noma uRuby, omunye wenu. Ngicabanga nje ukuthi Bekusho nje, "ISHO KANJE INKOSI, kukhona okuzokwenzeka."

109 Futhi ngokusa okulandelayo ngenkathi simi lapho, abaningi bamadoda, angazi ukuthi bangaki ohlezi lapha manje, kwakukhona ishumi nambili kumbe ishumi nane, silishumi nanhlanu sihlezi lapho. Khonamanjalo, umfundisi wakhuphukela kimi wayesethi, "Mfowethu Branham," wathi, "igama lami ngingu*S'bani-bani*." Wathi, "Ngangingomunye wabaxhasi bakho eCalifornia."

110 Ngathi, "Ngiyajabula ukuthi sibonane, mnumzane." UDouglas McHughes. Wathi, "Ngi . . . " Ngathi, "Ngiyajabula ukuthi sibonane." Ngamxhawula.

111 Wathi, "Kuhle, manje, ngifuna ukukubuza umbuzo." Wathi . . . URoy Roberson, umphatheli obekiweyo lapha; uMfowethu Woods, uTerry noBilly, futhi, o, uMfowethu Mc Anally, futhi angazi ukuthi obani bonke abanye owayemi lapho. Futhi ngi . . . Wathi, "Kukhona engifuna ukukubuza khona." Wathi, "Ngabe iNkosi ike ikunike imibono enjengalona na?"

112 Ngathi, "Yebo, mfowethu, kodwa ngiphumela lapha ukuba nje ke ngithi ukusuka kuwo, ukuba ke ngiphumule."

Futhi ngaqalaza ka*nje*, ngase ngibona udokotela oqatha embuka, wathi, "Mfu. McHughes, lokhu okukugulisayo esweni lakho masinya kuzokhipha iso lakho. Ngikunyangile iminyaka emibili, futhi akukho engingakwenza ngalo."

Ngase ngiphendukela kuye. Ngathi, Lokho ongibuze ngakho, udokotela wakho wakutshela, ngelinye ilanga, 'Lokho okukugulisayo kwakusesweni lakho.'" Kwakuphakathi nemini, cishe ngeleshumi nanye nqo, futhi wayefake izibuko zelanga. Futhi ngathi, "Isizathu; awukufakile lokho ngenxa yokuthi yilanga, kungenxa yeso lakho. Wakutshela ukuthi wawu 'zolahlekelwa yileloso.'"

Futhi waqala ukukhala, wathi, "Kunjalo."

113 Ngaphenduka ukuba ngihamba hambe futhi, ngangiphethe ifosholo ngesandla sami. (Futhi ngabuka; ngambona emi lapho engibuka, amehlo akhe ekhanya bha.) Ngathi, "Kodwa ISHO KANJE INKOSI, awuzukulahlekelwa yileloso." Bengizingela naye kulelikwindla eledlule, ukwazi ukubona kangcono kunami nanoma ngubani esixukwini. Akazange . . .

114 Futhi ngabona inenekazi elase likhulile lehlisa isokisi lalo lase liphakamisa inganxanye lesiketi salo. Lathi, "Ndodana, uma ubona uMfowethu Branham, umtshele akhulekele izinyawo zami." Futhi ngabheka phansi lapho, futhi okuncane . . . kubukeka njengamathumba elenga ezinyaweni zakhe, yonke indawo.

115 Ngathi, "Unyoko uyinenekazi elinezinwele ezimpunga. 'Ndodana yami,' niyabo. Ukutshele ungakahambi, uma ungibonile, ukuba ungicele ngikhulekele izinyawo zakhe. Unamathumba amancane, kufana nawo, alenga kuzozonke izinyawo zakhe." Wathi akaquleke.

Wathi, "Yiqiniso lelo."

Ngathi, "Umtshele angakhathazeki. Kuzolunga konke."

116 Ngaqala ukuhamba hamba. Ngase ngizwa iPhimbo likaNkulunkulu likhuluma, lathi, "Suka endleleni, masinya."

URoy Roberson emi lapho, azi ukuthi wayengumakade kwasa ebona wasempini, ngabeka isandla sami ehlombe lakhe, ngathi, "Mfowethu Roy, casha, ngokukhulu ukushesha!"

Wathi, "Yin'indaba?"

Ngathi, "Suka endleleni! Casha!"

117 Ngase nje ngiqala ukuhamba hamba, ngabeka ifosholo lami phansi, ngaphenduka, ngakhumula isigqoko sami. Futhi nangu Efika, iNkazimulo kaNkulunkulu iwela esivunguvungwini esahhebhula uhlangothi lwentaba lwasuka kanjalo, futhi saqhuma sazamazamisa indawo kanjalo, sanquma ichopho lehlathi lasuka; cishe nje amathathu kumbe amane, amafidi amahlanu phezu kwekhanda lami. Sabuyela emuva njengefonela kanjalo; saqhuma futhi. Futhi, nakhu kufika, kathathu.

118 Kwathi-ke uma Kusuka, okwesithathu, uMfowethu Banks Woods weza nganeno, wathi, "Ngabe yilokho obukhuluma ngakho na?"

Ngathi, "Yebo."

Wathi, "Bekuyini na?"

119 Ngathi, "UNkulunkulu ubonakala ezivunguvungwini." Ngangingazi noma Wayefuna ngibatshele abantu noma qha.

120 Ngase ngihamba ngiqhubeka ngathi ukuthandaza kancane. Wase Engitshela ukuthi ngangingabatshela. Ngathi, "Kungukwahlulela kushaya iWest Coast." Ibuke namhlanje! Bukani ukuthi kwenzekani emahoreni ambalwa emva kwalokho: iAlaska yacwila. Futhi manje yonke into ishona ngaphansi. Singena ekwahlulelweni. Umusa udeleliwe.

121 Kodwa makabongwe uNkulunkulu, sinoKudla okufihlakeleyo, uKudla kokomoya, ukuthi siphila kokuhle nomusa kwesambulo sikaJesu Kristu kulezizinsuku zokugcina, Eziqinisekisa phakathi kwabantu baKhe. Ameni! Bahamba bangena. UElija wahamba wangena ngaphambi kokuba kungene isomiso. Akabongwe uNkulunkulu ngokuba phakathi ngaphambi kokuba ukwahlulelwa kungene. Manje yisikhathi sokuphuma nokungena, ukuphuma kulezozinhlangano nokungena kuKristu, isikhathi sokuphuma nokungena sawo onke amakholwa eqiniso.

122 Wase ebizwa-ke, futhi wahlala phakathi lapho. Khumbulani, akazange awushiye lowomfudlana uNkulunkulu waze wambiza.

123 Futhi emva kokuba isomiso sasesizophela, Wambizela ngaphandle kwalapho, wehlela endlini yomfelokazi. Qaphelani, Wabizela kulomfelokazi. Nalomfelokazi wayengazimbandakanyanga nabangakholwayo; athathe uphawu lwesilo ngesikhathi sesomiso. Ngakho Wambizela ngaphandle e...wabiza uElija ukuba ondle lomfelokazi. Babeneqebelengwana elilodwa nje elincane, into eyodwa nje encane ayebambelele kuyo. NoElija wathi, "Ngiphe lokho,

kuqala. Ngokuba, ISHO KANJE INKOSI, leyombiza ayikuphela nophiso lwamafutha aluyikoma, kuze kube-lusuku iNkosi uNkulunkulu ethumela ngalo imvula phezu komhlaba." Ukubeka uNkulunkulu kuqala, iZwi laKhe kuqala!

124 Qaphelani, kwakukhona impuphu embizeni. Njalo uma eya empushini, kwakukhona impuphu embizeni. Kwakukhona amafutha ophisweni, njalo uma ewafuna. Ngani na? Impuphu yayimele uKristu emnikelweni wempuphu. Umgqakazo wawufanele uhlelwe kahle nje, ukuba ucoliswe wonke. Wonke umgqakazo walempuphu ufana nse, kukhombisa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Lelo kwakuyiZwi, iSinkwa sokuPhila silandela umlayezo, ukuqinisekisa iZwi.

125 Kunjalo nanamuhla, bangane. Kunjalo nanamuhla, ukuthi iSinkwa sokuPhila abantwana abasidlayo, silandela uMlayezo kaNkulunkulu, ukubondla ngesikhathi sesomiso. Ukuba-ke Wayemi ebukhoneni bethu namuhla? Ukuba-ke Wayemi ebukhoneni bethu njengamanje? Ubeyokwenza futhi enze khona impela njengoba Enzile ngezinsuku ngenkathi Esesenyameni lapha emhlabeni. UMlobokazi uyingxenye yoMyeni, iBandla liyafana noKristu. "Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza." Futhi yiZwi elikwenzileyo. Wasitshela ukuthi izinto Azenzayo ukuthi nathi sasizozenza futhi.

126 Siyaqaphela lapha futhi, uma iZwi likithi futhi lifikile kithi, njengoba Lenza kuElija ngalolosuku, Liyokwenza into efanayo nayenzayo, uyozondla ngeziNto zikaNkulunkulu ezifihlakeleyo ezifihlakele ezweni. O! Futhi, kwenza uMlayezo nesithunywa kube kunye. UKudla kokomoya sekulungele, futhi Kusesikhathini manje. Futhi ngamunye wenu angaba nakho lokhu uKudla uma niKufisa, uma nivuma ukunyenya nisuke kukho konke ukungakholwa kwalelihora, uma nikulungele ukuza kuKristu, nize esethembisweni saKhe.

Futhi khumbulani izethembiso zaKhe, kuMalaki 4, Luka 17:30, nakuJohane oNgcwele 14:12, nemiiningi kangakanani eminye imiBhalo, yokushiwo, uJoweli 2:38, nakho konke lokho Ayezokwenza, kumbe 2:28, njalo, Ayezokwenza ngalezizinsuku zokugcina. Nokuthi umprofethi washo kanjani ukuthi kwakuzobakhona ukuKhanya ngezinsuku zokugcina, ukuthi Kwakuzosebenza kanjani, ukuthi Kwakuzokwenzani, yonke imiBhalo ikhomba kulolu izinsuku zokugcina. Futhi lowo nguKristu! Uma ungacasha kuloKho manje, kuleyoNdawo eyimfihlo, ungadla futhi ubone okuhle nomusa kaNkulunkulu. Uma ugula, kukhona ukuphulukiswa lapho.

127 Niyakhumbula ngenkathi uElisha, kamuva, wayebizele phansi . . . Emva kwalowomnikelo wempuphu ayenawo, uKristu, futhi wondla indlu yomfelokazi ngaWo. Qaphelani kamuva ngenkathi ebiza umlilo wehla uvela emazulwini, nokunjalo,

futhi wakufakazela ukuthunywa kwakhe, kukaNkulunkulu, uMoya womprofethi.

128 Qaphelani ehlane, ngenkathi elele phansi lapho phansi konwele, iNgelosi yehla nalolohlobo olufanayo lwempuphu, futhi yabhaka amaqebelengwana athize yamondla. Futhi kamuvanyana Wamlalisa futhi, wamvusa futhi, futhi wayenamanye futhi amaqebelengwana empuphu abhakelwe wona. Futhi wahamba wangena ngamandla alawomaqebelengwana izinsuku ezingamashumi amane. Udumo kuNkulunkulu! Unguye izolo, namuhla, naphakade. O, siMthanda kangaka, uKudla kokomoya ngesikhathi saKho!

129 "Akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana usiphe izinja." UJesu akashongo yini into efanayo kwabesifazane baseSirofenike na? Wayethunyelwe kwabaKhe uQobo. Kunjalo. Futhi yilabo Abazelayo . . . Akazange aye kwabeZizwe.

130 Futhi manje namhlanje Uhambela abeZizwe ngesikhathi sabo, futhi akukuhle . . .

131 Wena uthi, "Kwenziwa yini uMlayezo ungaphumeli kulezizindawo ezinkulukazi, lezizimpi ezinkulu ezilwela inkolo, njengaphakathi kwamahlelo na?"

132 Akusikho uKudla kwabo. Akusilo ibandla, okubizwa kanjalo, uKudla. KunguKudla koMlobokazi. NguKudla komoya ngesikhathi. Bekuzobagulisa isisu. Kucebe kakhulu kubo. Niyabo? Niyabo? Ni—ni—ningeke nikwenze. Kodwa, okwabantwana, KuyiSinkwa, KungukuPhila, KunguJesu Kristu izolo, namuhla, naphakade.

133 Sizohanjelwa yisikhathi kakhulu uma singaqali umugqa wabakhulekelwayo manje, ngakho asikhothamise amakhanda ethu okwesikhashana.

134 Nkulunkulu Othandekayo, uKudla ngesikhathi esifanele, uKudla kokomoya. Into izwe elingazi lutho ngayo. Siyayizwa iNkosi yethu isho ngalobobusuku, kumbe ngalolosuku ezansi lapho eSamariya, indawo efanayo uElisha akhuphuka kuyo wayesethi, "Ngani, amazolo awayikuwa ngize ngiwabize." Nakhu kwakumi uJesu lapho etshela abafundi baKhe.

Bathi, "Nkosi, Awudli ngani na?"

Wathi, "NginoKudla eningakwaziyo."

135 Qiniso, Nkosi, uKudla kwaKhe kwakungukwenza intando kaNkulunkulu, ukubona imisebenzi kaNkulunkulu ibonakaliswa ngehora laKhe. Wayelapho ukubona ukuthi kwakwenziwa yini. "Angenzi lutho uBaba waMi aze aNgibonise kuqala. UBaba aNgibonisa khona, Ngenza khona."

136 Futhi, Baba, kunjalo nanamuhla. IBandla, ikholwa leqiniso, uMzimba wabakholwayo, unokungena eKudleni, uKudla kokomoya, ukuthi abakholwa ngegama nje abazi lutho ngakho.

Izwe alazi lutho ngalokhu uKudla, Baba. Kodwa iBandla laKho, abantu baKho, uMlobokazi weNdodana yaKho, uyaKuthanda.

137 Sinokungena ekuphulukisweni kwemizimba yethu lapho odokotela esehlulekile. Sinokungena kulokhu. Kungokunye koKudla kukaNkulunkulu, Akupha iBandla laKhe, futhi wakwethembisa osukwini lokugcina kubantwana baKhe abakholwayo. Futhi, Baba, sisize ukuba sibe ngabantwana abakholwayo, ngokuba konke kungenzeka kwabakholwayo. Siphe khona, Nkulunkulu Othandekayo. Sikucela eGameni likaJesu. Ameni.

138 Ngikholwa ukuthi uBilly ungitshele ukuthi akhona amakhadi okukhulekelwa abawakhiphayo. Uma kukhona obengangitshela ngohlamvu olusemakhadini okukhulekelwa, yilokho kuphela engikufunayo. [Omunye uthi, "C."—Umhl] C, kulungile, asithathe u C, wokuqala, siqala ngaye, ngize ngiqalise umugqa wethu. Niyabo, manje, bangahle babe ndawo zonke. Manje, uma wonke umuntu . . . Yebo, niyabo, ngizozama lokhu. Angazi noma singakwenza noma qha. Kumbe noma singavele nje sibe nomugqa obizwayo; nihlale nithule. Akunandaba kimi. Uma bekungangcono nenyukele lapha emsamo, noma nibe nomugqa obizwayo, akunandaba, noma nje yingayiphi indlela. Ngethembele nje kuphela kuMoya oNgcwele. Ngethembe Yena ukuba avikele leliZwi engilishumayelile.

139 Mfowethu George Wright, ngiyaLikholwa. Kusukela ngisengumfanyana, ngiza ngehlela endlini yakho eminyakeni emininingi eyadlula, ngilalele leyonyoni endala uphezukomkhono ihlezi esihlahleni, ngisalokhu ngiwukholwa lowoMlayezo ofanayo. Ngikholwa ukuthi Uyafana.

140 Kulungile, ngiyabona bayalungisa ngemuva lapha benzela umugqa wabakhulekelwayo. Kulungile, ikhadi lokukhulekelwa C, inombolo yokuqala, yesibili, yesithathu, yesine, yesihlanu, wozani kuqala bese nima khona lapha. Uma ningakwazi ukusukuma, uma nje nizophakamisa izandla zenu, abanye babo bazofika baniminyanise. [Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Kuyini na? Yebo. Ehhe. Ikhadi lokukhulekelwa C, elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu. Futhi manje qaphelani, nina eningenalo ikhadi lokukhulekelwa . . .

141 Manje, kade ngagcina ukuba nomugqa wabakhulekelwayo waloluhlobo, isikhathi eside. Bangaki kowukhumbulayo umyalo wami ngenkathi sakha iTabernakele lapha na? Wathi, "Wenze umsebenzi womvangeli." Akazange athi ngangingumvangeli. Wathi, "Wenze umsebenzi womvangeli," niyabo, "ngokuba kuyakufika ihora lapho lokho kuyoguqulwa." Lelohora liyafika. Kulungile. Manje, kulokhu, U . . .

142 Ungeke waxubanisa izinkonzo ezimbili kumbe ezintathu ezehlukeneyo ndawonye, umfundisi nokuvangela, ngasikhathi

sinye. Ungeke waba ngu—ngumprofethi futhi mhlampe ube ngumfundisi, ngasikhathi sinye, niyabo, ngoba unemisebenzi eyehlukene, inkonzo eyehlukene.

143 Kodwa iNkosi yanginika okufanele ngikwenze eMlayezweni wami. Kodwa-ke yase Ithi, "Wenze umsebenzi womvangeli, ufeze ukukhonza kwakho, ngokuba kuyofika ihora abangayikuvuma ngalo isiFundiso esiphilayo." Uma lokho kungakafiki manje! Lonke ibandla lehlelo lingidicilele phansi. Abasivumanga isiFundiso esiphilayo. "Kepha ngokwezinkanuko zabo bayozingenisela abafundisi babo, futhi bayophendulelwa ezinganekwaneni. Futhi bayokwenza izinto ezinkulu zokuphikelela njengoJane noJambre abamelana noMose, kodwa ubuwula babo buzokuba sobala." Niyabo? Niyabo? Kulungile, ukulingisa! Niyabona ukuthi uJambre . . .

144 Futhi, uNkulunkulu eZulwini uyazi, lokho kubekwe laphaya egumbini lalelotshe leTabernakele kusukela ngo 1933, kubhalwe ekhasini leBhayibheli, kubekwe khona laphaya. Buka ukuthi bakwenze kanjani. Buka ukuthi yini efezekile. Ukulingisa, impela nje. Wathi, "Bayeke, ubuwula babo buyokwaziwa ngendlela efanayo njengoba wayenjalo uJane noJambre." Nakhu silapha kulolosuku.

145 Ngabona ibandla-ke ngenkathi nje sasibeka itshe legumbi, abantu belenga ezinqenqemeni nasemacaleni onke, bemi bezungeze izindonga zetabernakele. Nakho lapho okhona. Futhi bathi, ngenkathi likhula, abantu bedolobha lapha, bathi, "Phakathi kwesikhathi sezinyanga eziyisithupha . . ." Thina sinedola elilodwa nosheleni abayisishiyagalombili ukwakha iTabernakele, inqwaba yabantu bamagalaji base benqume ukuthi lalizoba yigalaji labo. Kodwa liselokhu liyisibayana sezimvu seZimvu zikaNkulunkulu

146 Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye, oweshumi. U C, wesithupha, wesikhombisa, wesishiyagalombili, wesishiyagalolunye, weshumi. Kulungile.

147 Manje, "Mina iNkosi ngikutshalile, Ngiyakukunisela imini nobusuku funa abanye bakuhlwithe esandleni saMi." Buka ukugxeka! Alikho ihlelo elizoKweseka. Akukho-mabandla aKuthandayo lonke izwe lapha. Akukho-Pentekoste ezweni, akukho lutho olunye ukuKondla. Wonke umuntu uphambene nombhaphathizo wamanzi, wonke umuntu uphambene nazo zonke lezi ezinye izinto. Ngisho nasemndenini wakithi uqobo, ubaba wami uqobo wangixosha wangisusa emnyango, nginezingubo zami zisesakeni elincane lephepha futhi ngahamba ngahlala eNew Albany. Kunjalo.

Kodwa ezingozini eziningi, izinkathazo nezihibe,
Sengivele ngedlulile;
Ngumusa oze wangifikisa lapha ngokuphepha,

Nginamashumi amahlanu-nesithupha eminyaka ubudala, futhi ngokushesha ngizofanele ngiwele umfula.

Umusa uzongiyisa phambili.

Lapho ngiyobe sengibe lapho iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi,
Ukukhazimula kukhanya njengelanga;
Asiyikuba nezinsuku ezinciphayo ukucula udumo lukaNkulunkulu
Kunanga-mhla siqalayo.

O, ngiyamthanda uJesu! Uyizwe lonke kimi!

148 O, kulungile, bangaki engi . . . Ngishiye kuphi, eshumini na? Singabathatha abanye futhi na? Kulungile. Bekuyiyiphi leyo, ishumi, ishumi nanhlanu na? Kulungile. U C, weshumi kuya eshumini nanhlanu, noma ngabe nikuphi, uma ningasukuma ningene. Nithini na? Hhe? Kulungile. U C, weshumi nanhlanu kuya emashumini amabili, ke. Lowo akube ngu C, weshumi nanhlanu kuya emashumini amabili. Lokho kuzoba abantu abalishumi ngaphezulu. Sibona . . . Niyabona—bona lapho umugqa omi khona lapho, asiba—baminyanisile. Futhi sizo . . . Kulungile.

149 Manje ngipheni ukulalela kwenu okuphelele; asizukuthatha isikhathi eside. Kodwa, manje, o, ihora elinje, isikhathi esinje! Ngi—ngifisa sengathi wonke umuntu ubengayithanda iNkosi. Ngi—ngifisa sengathi sonke nje besingafinyelela kuleyondawo ukuqonda amandla anokwenzeka alomzuzu. Ake sikuzame. Ngilaleleni nje.

150 Si—sizama ukwenzani lapha na? Sibeka iZwi likaNkulunkulu esivivinyweni. UElija wenze into efanayo, waphumela phezu kwentaba emva kokuba esazile ukuthi wayethunywe evela kuNkulunkulu ukukwenza. Wathi, "Manje ake sifakazise ukuthi ubani uNkulunkulu, akuthi uNkulunkulu ophendula ngomlilo abe nguNkulunkulu."

151 Nabahedeni basika, o, bathi, "Kuhle, impela, qha . . . " A—abahedeni babazi ukuthi umlilo wawungezukwehla, ngakho bakhamuluka baqhubeka.

152 Kodwa uElija wayazi ukuthi wawuzokwehla, ngoba wayenombono ovela eNkosini.

Wena uthi, "Wayenombono na?"

153 Yebo, mnumzane! Lapho esenayoyonke into ibekwe ngohlelo, wathi, "Nkosi, ngenze konke lokhu ngokuyala kwaKho." Wase-ke umlilo uqala ukwehla. Nxa iZwi likaNkulunkulu ligcinwa lonke, khona-ke kungumsebenzi

kaNkulunkulu ukukunakekela konke. Ukucela nje kuphela ukuba ukweneke lapho. Futhi uqiniseke ukuthi ubiziwe ukuba ukweneke lapho. Niyabo? Futhi uma ubiziwe, Uzokunakekela konke.

154 Manje, lapha kuzoba khona abantu abeza ngalomugqa engizobe ngikhuleka . . . Manje, kuhle, senicishe nifike obondeni manje, kulungile, emgqeni ukuqala. Manje, kuqala, cishe ndawo ndawo lapha endlini, abanye abantu . . .

Bangaki lapha kogulayo futhi ongenalo ikhadi lokukhulekelwa, phakamisa isandla sakho. Niyabo, nje yonke indawo. Manje, niyazi uma iNkosi yethu . . . Futhi ngikholwa ukuthi Izokwenza, uma Iyiyo izolo, namuhla, naphakade. Yayiyenza imigqa yabakhulekelwayo. Abantu beza kuYo ngemigqa emikhulu, izixuku, Yayibathinta, ibabusise. Yaseke Ima ngesinye isikhathi yathi, "Ubani oNgithintile na?" Yaqalaza, yatshela owesifazane ukuthi wayeYithinteleni; futhi yathi umopho wakhe wase uhambile, ukukholwa kwakhe kwakumphilisile.

155 Ukuba-ke wayephenduke wayesethi, "Awu, angazi, Nkosi, sengibe nalokhu isikhathi eside na?" Kwakungeke kwenzeke. Qhabo, kwakungeke kwenzeke. Qhabo.

156 Ukuba-ke Yayitshele owesifazane waseSirofenike, "Ngenxa yalelizwi olishilo, indodakazi yakho, idemoni selihambile kuyo," uma-ke ethi, "Yebo, manje, Nkosi, bengi—ngifuna Wena ukuba ukwenze nga*le*ndlela na?" I—idemoni laliyobe lilokhu lisentombazaneni. Kodwa wayebheke ukuthola umntanakhe ngendlela Eyayithe wayezomthola ngayo.

157 Manje, Yasitshela, "Uma ukholwa! Uma ungathi kulentaba, 'Suka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi lokho okushiloyo kuzokwenzeka, ungabanakho. Nxa ukhuleka, kholwa ukuthi uyakwemukela, uzophiwa khona." Isethembiso esinje pho!

158 Manje indoda eshumayela ivangeli lokuhlalisana phakathi kwabantu ayikukholwa nhlobo lokho. Ibiyokwenyukela emnyango, ibheke phakathi, noma ime lapho, bese ithi, "Awu, esinye nje isigejane sabaginqiki abangcwele," futhi isuke ihambe. Niyabo? Kodwa ayazi ukuthi lokhu nguKudla okufihlakeleyo. Ayazi ukuthi lena yiNto eyimfihlo efihlakele kuyo. Ayikwazi. Ku—ku—kubi kakhulu, ingqondo ehambaze, elusizi, ephuphuthekile, kepha ayikwazi. Niyabo? Leyo yinto embi.

159 O Nkulunkulu, mangife kuqala, kodwa ungangitholi neze nginjalo. Ngingaqoka ukufa (yebo, mnumzane) kunoma ngenze lokho. Futhi ngicabanga ukuthi sonke besingakuqoka, besingeke na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.]

160 Kodwa, manje, uNkulunkulu usethembise lezizinto ngezinsuku zokugcina. KuMalaki 4, washo ukuthi uJesu Kristu

wayezokwehla futhi Azilingise enyameni yomuntu njengoba Enza eSodoma. Kunjalo. Futhi wathi izwe lalizoba sesimweni seSodoma. Futhi wathi, "Njengoba kwakunjalo ngalesosikhathi, iNdodana yomuntu iyokwembulwa ngalolosuku." Niyabo, loMuntu owehla ngesimo somuntu, okwakungu "Elohim," ngoAbrahama, ngaphambi kokuba kufike lendodana ethenjisiweyo. Bukani ukuthi kwakunjani, uAbrahama wathi kwakunguNkulunkulu. NeBhayibheli lathi kwakukhona amadoda amathathu afika kuye, enothuli ezingutsheni zawo, ehamba, ahlala phansi futhi adla njengomuntu. NoJesu wathi, "Ngesikhathi nje izwe lingena esimweni seSodoma, khona-ke iNdodana yomuntu Izembule futhi," hhayi iNdodana kaNkulunkulu. INdodana yomuntu, niyabo, Izembule.

161 Manje kumake lokho nalokho umprofethi wokugcina akushoyo, "Bhekani Ngiyathuma kini uElija umprofethi, futhi uyakubuyisela i—izinhliziyo zabantwana zibuyele koyise." Niyabo? UMlayezo ukubabuyisela eBhayibhelini, neNdodana yomuntu iyobe Izembula ngalolosuku. Futhi ngalolosuku lokubethwa konyaka webandla wokugcina, ingelosi yesikhombisa, izimfihlakalo zikaNkulunkulu ziyokwaziwa ngalolosuku. IziMpawu eziyisiKhombisa ziyoqhekezwa. Izimfihlakalo zawo onke lamabandla nezinto, ukuthi zenzeka kanjani, nokuthi yini itak- . . . kanjani, ukuthi kwenzekeni.

162 Niyabo, abaKwazi. UJesu wathi, "Nina baFarisi abayizimpumputhe!" Wathi, "Uma impumputhe ihola impumputhe, aziweli yini zombili emgodini na?" Niyabo, yingalesosizathu labobantu bengakuboni Lokho.

163 Imfihlakalo yaKho, ingukuthi, lezoziMpawu, ngalinye lalawomabandla lenza inhlangano futhi angena kuyo, futhi leyo ngenye yezinto eziyimfihlo obekuliphutha phambi kukaNkulunkulu. Uyakubona Dokotela Lee na? Niyabo, bukani. Kuyilo. Yileyonto khona lapho. Lokho ngokunye kwezimfihlo. Bahlela futhi, niyabo, futhi kwakuphume kwaphela entandweni kaNkulunkulu. Futhi lokho kuzodalulwa ngezinsuku zokugcina, futhi kuhole abantu, bangayi esivumwenikholo kumbe ehlelweni, kodwa babuyele emuva eZwini leqiniso. Futhi iZwi leqiniso liyofika eqenjini elithize labantu, neNdodana yomuntu Iyozembula phakathi kwabo, "eyiyo izolo, namuhla, naphakade."

164 O, he! O, ngiyakuthanda lokho. Ngiyakuthanda—ngiyakuthanda ukuqhosha ngaYe. Ngiyathanda uku—ukuMenza abe mkhulu phambi kwabantu. Angidingi ukuMenza abe mkhulu; Uvele mkhulu. Uphakeme kakhulu ungeke wafika ngale kwaKhe, ujule kakhulu ungeke wafinyelela ngaphansi kwaKhe, ubanzi kakhulu ungeke waMjikeleza, kepha nokho unendawo yaKhe enhliziyweni yakho. UngeMamukele na? Imangalisa kakhulu iNkosi yethu! Kulungile.

165 Manje masithule du, wonke umuntu. Manje, sesikhulumile ngaLokhu. Futhi manje into yakho, ingukuthi, ngabe Kuliqiniso na? Manje, kungahle kubekhona izihambi phakathi lapha. Ngingahle ngisho uma . . . kini, uma uKristu enguye izolo, namuhla, naphakade, Ubengenzani kulomzuzu na? Ubezokwenza into efanayo naYenzayo ngenkathi Eselapha phambilini. Ngabe kunjalo na? Ukholo lwabantu belungathinta ingubo yaKhe, futhi Ubeyophenduka. Njengoba Enza kowesifazane emthonjeni, futhi Wenza kwezinye izindawo, futhi Wayibona imicabango yabo.

Manje, wena uthi, "Wayengangiphulukisa na?"

166 IZwi laKhe lathi Usevele ukwenzile lokho. Kodwa okuyikhona khona yilokhu, okungukuthi, ukuba Azazise ukuthi Ulapha.

167 Manje, ukuba Wabonakala kithi esemzimbeni wenyama, wabukeka impela nje efana ne*Khanda likaKristu enamashumi amaThathu-nantathu* likaHofmann, negazi ligobhoza esandleni saKhe, nokunjalo, izibazi zezipikili zikuyo yonke indawo kuYe, bengingeke ngikwemukele. Qhabo, qhabo. Qhabo, qhabo. Nxa Efika, Yena uqobo, "Onke amehlo ayakuMbona, zonke izilimi ziyakuMvuma; futhi nanjengonyazi luvela eMpumalanga luye eNtshonalanga, kuyakuba njalo." Niyabo? Asizikholwa lezizinkoloze nezizwe zasigodi-sinye. Sikholwa ukuthi uNkulunkulu uyiZwi.

168 Kodwa Uzihlanganisa ngokomzimba, ethatha umzimba wakho nomzimba wami, futhi akuphe iziphiwo, angiphe iziphiwo, futhi ngaleziziphiwo Uyazazisa qobo lwaKhe. Lokho nguKudla okuyimfihlo. Akunandaba ukuthi Ubengazazisa kangakanani qobo lwaKhe ngami, ufanele uKukholwe, ufanele ube nesiphiwo sokukholwa, futhi, ukuKukholwa. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla, "Ameni."—Umhl.] Futhi manje uma Ezozibonakalisa qobo lwaKhe ngaleyondlela, nizoMkholwa na? ["Ameni."] Ngenhliziyo yenu yonke, nizoMkholwa na? O, kuyamangalisa, nje ngilindele Yena, ngilindele nje ukubona ukuthi Uthini.

169 Nansi indoda emi lapha. Angikaze ngiyibone empilweni yami, ngokwazi kwami. Ibukeka njengelungile, eqinile, indoda ephilile, futhi mhlawumbe injalo, a—a—angazi. Kodwa imi lapho. Manje, bengingahamba ngibeke izandla phezu kwaleyondoda futhi ngiyikhulekele, ngiyibuze ukuthi ibingakholwa yini. Ibingama lapha ingitshele, ithi, "Ngi—ngi—ngifuna ukhulekele u*S'banibani*. Futhi ngiphethwe—ngiphethwe ukuvuvuka phansi kwezinyawo. Ngiphethwe yikhanda, alinqamuki. Nginezilonda esiswini sami," kumbe okuthize. Yona—yona, angazi. Ibingasho noma yiyiphi yalezozinto.

170 Bengizothi, "Kulungile, mnumzane, mfowethu. Ngizobeka izandla zami phezu kwakho ngikukhulekele." Lokho bekuzoba

kuhle kakhulu. Yilokho impela esikwenzile konke kusukela phansi eminyakeni. Ngabe kunjalo na?

171 Kodwa, khumbulani, uJesu wathi kwakuzokwehluka ngesikhathi nje sokuFika kwaKhe, njengoba kwakunjalo ngezinsuku zaseSodoma. NeNdoda eyakhuphukayo, yayifulathele ithende lapho okwakukhona khona uSara, futhi Yathi, (hhayi "Abrama," manje) "Abrahama."

172 Niyabo, wayenguAbrama, ngayizolo. Kepha wahlangabezana nombono, neNkosi yamtshela ukuthi, "Ngizoliguqula igama lakho."

173 Futhi nansi iNkosi, qobo lwaYo, esimweni somuntu, idla futhi iphuza naye. Yathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?" S-a-r . . . a; hhayi S-a-r-a-y-i.

Wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

174 Yathi, "Ngizakukuhambela, ngokwesethembiso saMi eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu edlule."

175 Futhi uSara wathi ukuzihleka yena. Yathi, uSara uhlekile ethendeni ngaleyonkathi nje, ethi, 'Lezizinto zingenzeka kanjani na?'" Kukhona into emahlula uNkulunkulu na? Niyabo? Lutho. Qhabo, mnumzane.

176 Manje Yathi, uJesu wethembisa ukuthi, "Yona, iNdodana yomuntu," okuyiZwi, (niyakukholwa lokho na?) "yayiyofika ngezinsuku zokugcina futhi Izembule ngesikhathi lapho izwe lase linjengeSodoma neGomora." Niyakholwa ukuthi kunjalo na?

177 Ngaphambi kokuba sibe nomkhuleko owodwa, abanye benu ngaphandle lapho khulekani nibone ukuthi iNdodana yomuntu iseyiyo yini izolo, namuhla, naphakade. Buzani nje ukuthi Iseyiyo yini, thanini, "Nkosi, indoda ayingazi, kodwa ngiyazi ukuthi Unguwe izolo, namuhla, naphakade," nibone ukuthi Iyanitshela yini lokho.

Yebo, mnumzane. Manje phakamisa ikhanda lakho okwesikhashana.

178 Kusemva kwami. Ngumntwana. Kushisa bhe njengamanje kuphethwe yimfiva. Yintombazanyana. Ungowangaphandle kwedolobha. Umntwana uphethwe yisisu. Simphathile. Kholwa nje.

179 Manje, ngabe yilokho Athi Wayezokwenza na? Angikaze ngimbone lowomuntu empilweni yami. UNkulunkulu eZulwini uyakwazi lokho.

180 Lendoda lapha, ibukeka iqinile impela futhi iphilile. Kodwa niyalibona lelothunzi eliphezu kwayo lapho na? Lokho kuchaza ukuthi, ngaphandle kokuthi isizwe nguNkulunkulu, ayizukuba lapha isikhathi eside kakhulu. Inomdlavuza. Usephashini lakho.

Manje, iNdodana yomuntu ilapha.

Unomthwalo enhliziyweni yakhe ngomfanyana, umntwanyana. Ngabe kunjalo na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile kulowomntwana na? [Umfowethu uthi, "Ngiyazi angakwenza."—Umhl] Angakwenza. Unokwelekwa yisithunzi esimenza abuye alahlekelwe ukukhumbula noma ukubona njengokungathi kuyisimo sesithuthwane. Kade enakho esikhathini esingekude nje. ["Kulokhukusa."] Kunjalo, kulokhukusa. Futhi uyakholwa ukuthi uzophila ukuba umkhulise lowomfana, futhi uzophila na? ["Yebo."]

181 Ukuphi uCharlie Cox na? Ukuphi na? Charlie, ukuphi na? Bengicabanga ukuthi ube khona kulobubusuku. Ngapha, uCharlie. Gary ukuphi na? ULarry, ngabe ukhona na? Umfanyana wakhe wayenento efanayo, into efana nse. Ukuphi, Larry? Woza lapha umzuzu. Kuhle, ukhona. Lomfanyana lapha wayenento efanayo. Uyise nonina ungumngane wami omuhle kakhulu. Eminyakeni eyedlula ngangisezansi lapho, futhi lomfanyana wayelekwa yisithunzi, avele nje alahlekelwe ukukhumbula noma ukubona aze aphele. Kwakuyisithuthwane. Ngasibamba kumfanyana, ngacela uNkulunkulu ukuba amphulukise. Akakaze abe naso kusukela lapho. Ngubaba wakhe lowo; unina uhlezi lapha ndawo ndawo; futhi nangu umfanyana, qobo lwakhe.

182 Manje uyakholwa, mnumzane na? (Ngiyabonga, Larry.) Uyakholwa, mnumzane na? Sengathi uNkulunkulu waseZulwini angakupha into efanayo, nawe ukuba uphile ukuba ukhulise umntwana. UNkulunkulu akubusise.

Asikhuleke.

183 Nkulunkulu Othandekayo, msize. Ngikhulekela ukuthi isihawu saKho nomusa kuzoba phezu kwakhe futhi umbusise. EGameni likaJesu.

184 Buyela eLouisiana manje, ujabule, udumise uNkulunkulu ngaye.

185 O, yebo, ubengowaseLouisiana, impela ubenguye, ngaseLake Charles. Kunjalo. Niyabo, ngiyakwazi ukubamba imicabango yenu manje. Akadunyiswe uNkulunkulu!

186 Kuhle, ucela i—into enhle, ufuna ukuba nengane. Ubusuvele unabo abantwana, abantwana ababili, kodwa ufuna omunye. Sengathi uNkulunkulu waseZulwini angakupha khona, dadewethu. Woza lapha, ngifuna nje ukubeka izandla.

187 Nkulunkulu Othandekayo, yipha owesifazane isifiso senhliziyo yakhe, ngoba siyisizathu esifanele. EGameni likaJesu. Ameni.

Manje hamba ube nomntwana.

188 UNKulunkulu unguNkulunkulu omuhle. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Ameni."] Uyakwazi konke lokho

esinesidingo sakho. Usinika zonke izidingo zethu. Uma sikukholwa. Wathi, "Uma ukholwa!"

189 Ngikuxhawulile kwenye indawo. Angisakhumbuli ukuthi bekukuphi, kodwa kwenye indawo ngikuxhawulile. Angisakhumbuli nje ngempela, kodwa nje besikwenye indawo, namhlanje kwenye indawo, kodwa angisazi ukuthi bekukuphi. Kodwa lokho akusikho lapho, esikhonela ukukhuluma ngakho lapha. Ulapha ukukhuluma ngokuthi, kumbe ukukhuleka, ufuna ngikhulekele omunye umuntu. Kunjalo. Akekho lapha. UseGeorgia, uyagula. Akaguli kuphela, ngokomzimba, kodwa ngokomoya uyagula; umzala wakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokunakekela lokhu ngoba ummele na? Uyakholwa? Woza lapha futhi asikhuleke kanye kanye.

190 Nkulunkulu othandekayo, yipha lendoda isifiso senhliziyo yayo, ukuze ihambe futhi iyithole lendoda ikhalela kakhulu uNkulunkulu. EGameni likaJesu ngiyakucela. Ameni.

UNkulunkulu akubusise. Ungangabazi. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

191 Sawubona? Bekungesikho ukuthi angifinyelelanga esandleni sakho ukukuxhawula ngalesosikhathi, ngenkathi welula isandla sakho, bengiqaphele okuthize. Bekuyithunzi, lifiphele ngempela futhi limnyama. Yilesosizathu. Ngiyazi ngisibambile isandla sakho, ngikuthole ngaleyondlela, niyabo. Kodwa umdlavuza. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukuwususa? Usesibeleni sakho, ngakwesokunxele. Ufuna ukubuyela eCarolina futhi udumise iNkosi ngokusinda, awunjalo na? Uyabona ukuthi ngichaza uk'thini na? Asikhulekeni.

192 Nkulunkulu othandekayo, eGameni likaJesu Kristu, Lowo Okhona manje; abantwana bedla iSinkwa sikaNkulunkulu, sengathi lomntwana naye angakuthokozela ukukholwa, iSinkwa sikaNkulunkulu Amupha sona manje ekuphulukisweni kwakhe. Sengathi angahamba asinde, eGameni likaJesu. Ameni.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

Sawubona?

193 Lesi akusiso yini isikhathi esimnandi na? Nje kubukeka sengathi ukuthuthumela kwehlela phansi phezu kwabantu. Kumbe, kungahle kuzwakale sengathi, izindlebe zami, sengathi nje yinto ehamba ithi, [UMfowethu Branham uphephethela embhobheni—Umhl.] "Whuw!" Nje kwenza umsindo, sengathi, "Whuw," kanjalo, niyabo. YiSinkwa sabantwana. Niyabo? Kungokwakho, Okwenu. Akusikho okwami; kungokwenu. Ngibonga kakhulu, ngaso impela isikhathi manje, angi... Ngiyaphila, ngokwazi kwami; kodwa Kuyisinkwa sami, futhi, uma ngisidinga. KuyiSinkwa senu. Kuyisikhuthazo. Kuwe

ngisho nawe ongaguli, nje kuletha izinhliziyo zethu phambi kukaNkulunkulu.

194 Lokhu kukuso impela isikhathi, Ayethe Uyokwenza ngaso, "Futhi njengoba kwakunjalo ngezinsuku zaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, lapho iNdodana yomuntu iyokwambulwa khona." Niyabo? "Futhi, bhekani, Ngiyathuma kini uElija umprofethi ngaphambi kosuku olukhulu nolwesabekayo lweNkosi. Uyakubuyisela izinhliziyo zabantu zibuyele kuBaba." Niyabo? Niyabo?

195 "Khona-ke abalungileyo bayohamba phezu kwa—kwababi, imilotha." Bayakuvutha njengeziko, niyabo, umhlaba uyakuvutha. Siyabona ukuthi uzowela ngaleya. Nentaba-mlilo iyosakazeka umhlaba wonke, namazulu ayakuba semlilweni.

O Dwala lemiNyaka, ngihawukele manje, nangalesosikhathi.

196 Sawubona? Kuhle, into eyodwa, unenkathazo yamanenekazi, inkathazo yabesifazane. Unezinye izinto. Unokwethuka, kulelobanga lobudala nje ukuba nokwethuka. Izinkinga zezifo zazo zonke izinhlobo. Kodwa unesifiso, futhi, lokho kungukwemukela uMoya oNgcwele. Kunjalo. Kuyilokho-ke. Uyakholwa ukuthi u. . . Usuvume konke na? Uyakholwa uma ngibeka izandla phezu kwakho futhi ngicele uNkulunkulu ukuba akwenze, uMoya oNgcwele uzofika na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Uyakukholwa lokho na? ["Yebo, mnumzane."] Asikhuleke.

197 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla zami phezu kwalona wesifazane, ngesimo sobuphostoli, futhi ngicela ukuba emukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. EGameni likaJesu Kristu, sengathi angaWemukela. Ameni.

198 Ungakungabazi. Ungowakho, uyabo. Owakho. Uyi—yiSinkwa sabantwana.

199 Ubenokuzwa okuncane okungejwayelekile ngenkathi ngithi, "inkathazo yabesifazane," awuzange na? Kusobala yilokho obunakho, futhi. Manje uyakholwa ukuthi uzophila manje na? Hamba, nje ubonga iNkosi.

200 Sawubona? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke? Uyakholwa ukuthi uzokwazi ukudla njengoba wawuvamisile esikhathini eside esedlule na? Kulungile. Hamba, uthi, "NgiyaKubonga, NKosi. Ngiyakukholwa." UBukhona beNkosi.

201 Uyakholwa ukuthi leyonkathazo yeqolo izokushiya futhi uzophila na? Kuhle, hamba nje, uthi, "Ngiyakubonga, Nkulunkulu Othandekayo," noNkulunkulu uzokupha.

202 Uyakholwa ukuthi ungaphila, iNkosi izokuphilisa; futhi ungeke usaba nesifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba, usinde ube ngophilileyo na? Uyakukholwa lokho na? Hamba,

umbonga, uthi, "Nkosi, ngiyakwemukela ngenhliziyo yami yonke, futhi ngiyakukholwa."

Nithini lapho buqamama nonke ngokuLikholwa na?

203 Wena khona lapha, beka isandla sakho phezu kwalowo wesifazane ohlezi eduze kwakho impela lapho, mtshele ukuthi imithambo eyimiqhansa nesifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba kuzomyeka. Ngenkathi e . . .?. . .

204 UNkulunkulu akubusise. Uyakholwa ukuthi uzophila manje. Hamba uye ekhaya futhi ube . . . UNkulunkulu akubusise. Hamba ngendlela yakho, uthi, "NgiyaKubonga, NKosi uJesu."

205 Sawubona? [Udade uthi, "Ayibongwe iNkosi."—Umhl.] Uyakholwa ukuthi inkathazo yabesifazane izokuyeka, futhi na? ["Ngiyakholwa."] Futhi uzophila na? ["NgiyaKubonga, Jesu."] Hamba, futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi." ["NgiyaKubonga, Jesu."]

206 Sawubona? [Udade uthi, "Kwadonseka umsipha edolweni."—Umhl.] Yini, he, he! ["Totten."] Ngiyalazi igama lakho. Nga—ngangivamise uku . . . ["Totten."] ngenkathi ngingumfundisi webandla iBaptisti. ["Totten.] Totten. ["Della Totten."] Dadewethu Della Totten. Uguliswa yinkathazo yeqolo manje. ["Yebo."] Lizolunga. Uyakholwa ukuthi Uzokuphilisa na? ["Yebo."] Uyakhumbula ukuthi kwenzekani ezansi lapho ebandleni iMilltown Baptisti eminyakeni eyedlule na? ["Yebo, ngiyakukhumbula lokho!"] UsenguNkulunkulu ofanayo nanamuhla. ["O, ngiyabonga Nkulunkulu!"] UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

George Wright, ukuphi na? Uyakhumbula na? Wo, kanjani . . .

Uyakholwa, uma nje ngibeke izandla zami phezu kwakho, ngalolugcobo, uyakholwa ukuthi uzophila na? Woza lapha. EGameni likaJesu Kristu sengathi angaphulukiswa. Ameni. Yiba nokukholwa!

Kuhle, niyakholwa nonke ngenhliziyo yenu yonke na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.]

207 Manje, lokho kuziletha kamnandi kanjani izinkumbulo ezindala, ukubona lelonenekazi! Sengililibele igama lalo, okwamanje, kodwa ngi . . . [Omunye uthi, "Totten."] Totten. Totten, kunjalo. O, yebo, indodakazi yakhe kwakunguBirdie, kunjalo. Kunjalo impela. Ningacabangi ukuthi ngiyahlanya, ngithi nje kancane, niyazi, kuthi nje ukuba ngokwe . . . Angikwazi ukukuchaza.

208 Kodwa inkathazo yakho yeqolo isihambile, nenekazi. Hamba, udumise iNkosi, futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

209 Uyakholwa ukuthi inkathazo yakho yenhliziyo izolunga, futhi na? [Isiguli sithi, "Yebo."—Umhl.] Hamba nje, ujabule, futhi

uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi uJesu," futhi Likholwe. Kulungile. Yiba nokukholwa manje. Ungangabazi.

210 Woza, nenekazi. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Unezinto eziningi ezingalungile kuwe. Unenkathazo yeqolo, futhi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Kulungile, hamba nje, ujabula. Ukuthi, lowo nguYe okwenza uzizwe ngaleyondlela. Bonga iNkosi. UNkulunkulu akubusise, dade.

211 Yebo, mfanyana. [Umfana uthi, "Yebo!"—Umhl.] Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa ukwethuka kwalowomntwana futhi akuphilise na? Uyakukholwa na? Kulungile. Yebo, bhuti, wothi ngikuxhawule.

212 Nkulunkulu Othandekayo, susa leyonto embi kulomfanyana, futhi sengathi angaphila futhi abe kahle. EGameni likaJesu. Ameni.

213 UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Uyakukholwa lokho, awukukholwa na? Futhi phila. Ungangabazi nhlobo.

214 Usemncane kakhulu ukuba ube nenkathazo yenhliziyo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? [Isiguli sithi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Hamba, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi, ngokungiphulukisa."

215 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa inkathazo yesisu futhi akuphilise na? Qhubeka, ujabule, futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

216 Usenguye uNkulunkulu, Akasuye na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] Into kuphela ozofanele uyenze ngukukholwa nje. Akunjalo na? Uyayikholwa iNdodana yomuntu ngezinsuku zokugcina na?

217 Kukhona okwenzekile lapha emizuzwini embalwa edlule, futhi angikwazi . . . ngizama ukuthola ukuthi bekukuphi. Ukhona obenokukholwa futhi wenza okuthile. Kumbe, mhlawumbe ngizobathola ngeSonto elizayo, noma uma ngingaphumelela. Ngabe ni—ni . . . Nakho futhi. Uphakamise isandla sakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphulukisa leyonkathazo yenhliziyo, akuphilise, aphulukise indodakazi yakho buqamama lapho ne—ne . . . Uyakukholwa na? Nkk.Neff, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu . . . Leo Neff. Angikwazi, kodwa unguye. Unenkathazo yenhliziyo, futhi indodakazi yakho encane inenkathazo yezinso. Uyakholwa ukuthi izophila na? Ukukholwa kwakho kuyakusindisa. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

218 Wena osemuva lapho echibini, umi emuva lapho unenkathazo yesisu, uJesu Kristu uyakuphilisa.

219 Uyakholwa na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] Unguye izolo, namuhla, naphakade. Asibeke izandla zethu phezu kwalowo nalowo manje. O, cabangani ngehora esikulo,

cabangani ngesikhathi. Cabangani ukuthi sikubo impela uBukhona bukaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Yethembisa ukuthi yayizokwenza lokhu ngezinsuku zokugcina. Nginezandla ezibekwe phezu kwalamaduku.

220 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela ukuba Ubusise lamaduku ekuphulukisweni kwemizimba yabantu, ngeGama likaJesu Kristu.

221 Manje, izandla zenu ziphezu kwalo nalowo, yilowo ngamunye wenu ningamalunga oMzimba kaKristu. UMoya oNgcwele ofanayo owethembisa ukwembula izimfihlo zezinhliziyo futhi wenze lezizinto, Uphakathi kini. Niyingxenye yaKhe, naye Uyingxenye yenu. Manje, Washo lokhu, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Lowo nguwe. "Uma bebeka izandla zabo kwabagulayo, basinde." Manje, ungazikhulekeli wena, khulekela omunye lo ombeke izandla zakho, ngoba bakhulekela wena. Manje asikhuleke kanye kanye, futhi sengathi kungebebikho-muntu obuthakathaka kulendlu. Besingalindelani isikhathi eside, mfowethu othandekayo, dadewethu, Nangu, uMoya oNgcwele, uNkulunkulu, khona lapha, yona impela into esikhulume ngayo.

222 Jesu Othandekayo siyabuqonda uBukhona baKho. Wavusa leyongane encane ekufeni ngelinye ilanga, emva kokuba sekufile, ngomkhuleko wokukholwa. Nkulunkulu Othandekayo, kukhona abaningi lapha esingakwazanga ukufinyelela kubo, isikhathi siyedlula, kodwa babeke izandla zabo phezu kwalowo nalowo. Bangamakholwa. Sihlezi eBukhoneni beNkosi uJesu Kristu, owavuka kwabafileyo, onguye izolo, namuhla, naphakade.

223 Sathane, wehluliwe! UJesu Kristu wakwehlula! Wavuka kwabafileyo futhi uma phakathi kwethu kulobubusuku, eqinisekisa loMlayezo wezinsuku zokugcina. Phuma kulababantu! Bayeke, eGameni likaJesu Kristu! "NgeGama laMi bayokhipha amademoni," futhi uyakhishwa. NgeGama likaJesu Kristu, liyeke lelibandla!

224 Nonke manje enemukela ukuphulukiswa kwenu, yimani ngezinyawo zenu. Wonke umuntu owemukela ukuphulukiswa, yimani ngezinyawo zenu. Phakamisani izandla zenu manje niMnike udumo!

"Manje ngemukela ukuphulukiswa kwami," shonini lokho kuNkulunkulu. Manje ngiyakwemukela ukuphulukiswa kwami. [Ibandla lithi, "Manje ngiyakwemukela ukuphulukiswa kwami."—Umhl.] Unguye izolo, namhla, naphakade, uKristu. ["Unguye izolo, namuhla, naphakade, uKristu."] Manje ngiyaKukholwa. ["Manje ngiyaKukholwa."] Siza ukungakholwa kwami." ["Siza ukungakholwa kwami."] Ameni. ["Ameni."]

NgizoMbonga, ngizoMbonga,
Bongani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni inkazimulo, nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligeze ibala ngalinye.

225 AniMthandi na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] AsiMbonge-ke. Wonke umuntu, nezandla zenu ziphakeme, Mnikeni ukubonga, umfowethu eseza lapha ukusimukisa.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org